


# BANUMZANE, SITHANDA

## UKUBONA UJESU

 [UMfowethu Branham ukhuluma noMfowethu Neville ngenkathi ibandla lisacula u*Kholwa Kuphela*—Umhl.] (. . . ? . . . Ngizamile ukukushayela ucingo namhlanje ntambama, ngangebengingakwenza, ubungekho ekhaya ngenkathi ngizama ukukushayela ucingo. Hheyi, uma uthole umyalezo wena qhubeka futhi ngizovele ngilinde nje. Wena uqinisekile, manje na? Awunalutho ongalushumayela . . . ? . . .)

[UMfowethu Neville uthi, “Sijabule kakhulu kulobubusuku. UMfowethu Branham usanda kungibuza nje ukuthi benginawo yini umlayezo; akakwazanga ukuthola. Kepha akadingeki ukuthi angithole. Amen. Ngiyajabula, kulobubusuku, ngoba ngithe ngikwazise kakhulu ukuthi ulapha ngisho. Futhi ngixhuxhuma injabulo, ngaphezu kwanoma yini enginayo ngoKhisimusi, ukwazi ukuthi ulapha. Futhi kwangathi iNkosi ingambusisa lapho eseza kulobubusuku. Ukuba nje ubemi lapha, bekungalunga. Makabongwe uNkulunkulu! Kodwa ngiyajabula ukuthi ulapha, futhi kwangathi iNkosi ingambusisa lapho eseza.”—Umhl.]

Ngiyabonga, Mfowethu Neville. Ngiyabonga.

<sup>2</sup> Sanibona kusihlwa, bangani. Bengithi kuMfowethu Neville, ngi—ngizamile ukumshayela ucingo ekhaya lakhe kulentambama. Ngishilo kubantu abavela ezansi eGeorgia, nasezindaweni eziseduze, ngeviki eledlule, ukuthi bengingacabangi ukuthi ngizobe ngilapha namhlanje, ngoba abantu abaningi bayeza.

<sup>3</sup> Futhi, nokho, ngoKhisimusi, niyazi, izinganyana ezincane, ngeke uzitshele okwehlukile. Zona, nje, yisikhathi sikaKhisimusi kuzo. Futhi bezingeke zineke isokisi lazo elincane, kuzoba nokuthile. Kuyisiko, ngisho nasesizweni sakithi, ukuthi baneke isokisi, nokunye okunye. Ngani, ngenza kanjalo, lapho ngiseyinganyana, futhi—futhi yize ngangisekude ka—kakhulu nomBhalo, ngashaya indlela yezinyawo ngendlela eyiyo. Nokho, izinganyana zinjalo, zizwa ezinye izinganyana zithi, “Awu, ngithole *lokhu* okukaKhisimusi. Ngithole *lokhu*.” Abafo abancane bayama ngakhona, babheke, niyazi. Wena, ungeke ubenze baqonde. Niyabo? Ngakho-ke, nje, uKhisimusi awuyi ndawo. Ya.

<sup>4</sup> Futhi akusilo usuku lokuzalwa kweNkosi yethu, isikhathi Ayezalwe ngaso. Manje, uma uzongena kokwakho . . . embulungeni yonke, futhi ubheke, iJudiya icishe ibe ngaphansi

kwenkabazwe njengoba lokhu kungaphezu kwayo. Ngakho-ke siyathola, eJudiya, kulezo zintaba phezulu lapho, ukuthi kuneqhwa. He! Likhithika kakhulu kunalapha. Ngakho-ke abelusi bezimvu babengeke babe se...entabeni ngaleso sikhathi, belusa izimvu zabo.

<sup>5</sup> Futhi enye into, Yena, kuzoba okuphambene nayo yonke imvelo. Niyabo? Amawundlu nokunye kuzalwa entwasahlobo, hhayi ngalesi sikhathi sonyaka. Amawundlu awazalwa manje. Izi—izimvukazi azizali manje. Futhi WayeyiWundlu likaNkulunkulu, niyabo. Ngakho-ke lapho, Wazalelwa ngaphakathi, bathi, ngaphakathi ku-Ephreli esikhathini esithile, maphakathi no-Ephreli, into efana naleyo.

<sup>6</sup> Kepha, lokhu kungumhla zingama 25 kuDisemba, ngani, ukukwenza kube usuku lokuzalwa. Lolu usuku lokuzalwa kukankulunkulu welanga. Niyabo? UBali waseRoma, unkulunkulu welanga. Niyabo? Futhi ilanga licishe libe maphakathi nje ncamashi manje. Futhi kusukela ngomhla zingama 20 kuya zingama 25 kwaba lapho isekisi yamaRoma yayikhona, ekugubheni usuku lokuzalwa kukankulunkulu welanga. Ngakho-ke bathi, “Awu, manje, ukujabulisa bobabili umKristu nomhedeni, sizokwenza, esikhundleni sikankulunkulu welanga, iNdodana kaNkulunkulu nonkulunkulu welanga, ndawonye. Ngakho-ke sizohlenganisa konke sikwenze kube usuku lokuzalwa olufanayo, bese sikwenza ngomhla zingama 25.” Ngakho-ke kwakubonakala kuthokozisa umhedeni nebandla ngegama nje ngaleso sikhathi, ebandleni lokuqala laseRoma. Nje kwaku... Kwakulungile nje kubo, ngakho-ke babengenandaba. Ngakho-ke bakwenza usuku lokuzalwa lwabo bobabili unkulunkulu welanga kanye neNdodana kaNkulunkulu.

<sup>7</sup> Manje, usuku olude kunazo zonke onyakeni lusondele cishe ngomhlaka zingama 21 noma zingama 22, ubusuku obude kunabo bonke, ngiqonde ukusho njalo, onyakeni, cishe bunga mhla zingama 21 noma zingama 22, lapho, enqubweni yelanga, ilanga lizibhampela nje ngaphezulu, libuya. Manje bazoqala ukuthola imizuzwana embalwa noma imizuzu kade. Bese kuthi-ke ngesinye isikhathi sekufika kuJuni noma uJulayi, sinusuku olude kunazo zonke onyakeni.

Ngakho-ke, kepha, uKhisimusi awuyi ndawo, ngakho-ke angeke si—sikwazi ukuvimba.

<sup>8</sup> Amathayi angenashubhu awayi ndawo. Ngiyawazonda, kodwa a—awayi ndawo. E-hhe. Kunjalo.

<sup>9</sup> Abesifazane abangagqokile, abayi ndawo. Izikhindi, zizohlala. Yilokho kuphela. Zizoba mfushane ngaso sonke isikhathi, ngakho-ke akukho-nto engingayenza ngakho.

Ngithi nje akulungile. Hlala naLo, futhi lokho kulungile.

<sup>10</sup> Isono, asiyi ndawo. Asiyi ndawo. Sizoba naso, njalo njalo. Ngakho-ke, nje, asiyi ndawo kuze kufike uJesu. Futhi zonke lezi zinto aziyi ndawo. Manje, angikholwa . . .

<sup>11</sup> Mangicacise lokhu. Angikholwa ukuthi uJesu ubengakhathala ukuthi ukhonze luphi usuku lokuzalwa kwaKhe, uma zingama 25, zingama 26, noma ngabe kungu-Ephreli, uMeyi, uJuni, uJulayi, noma yinini lapho kungahle kube khona, ukuze nje ukhonze, Mkhonze kunoma yiluphi usuku.

<sup>12</sup> Kepha nakhu okuyikho. Basuse ubungcwele kuKhisimusi, ukukwenza kungabi nguKhisimusi kepha, usuku lokukhonza, kodwa umgubho. Niyabo? Asi... Uzwa abantu bethi, "Sizogubha uKhisimusi." Lokho akulungile. Asifanele nanini sigubhe uKhisimusi. UKhisimusi usuku lokukhonza, hhayi umgubho.

<sup>13</sup> Sigubha usuku lokuzalwa lukaLincoln. Sigubha usuku lokuzalwa lukaWashington. Uma ubusezansi eNingizimu ekujuleni, besiyogubha usuku lokuzalwa lukaLee, noma—noma uJackson. Usuku lwabo lokuzalwa lungumgubho.

<sup>14</sup> Kodwa usuku lokuzalwa lukaKristu, ngiyakholwa, kufanele kube usuku lokuzinikela, ukukhonza, esikhundleni salobu busuku. Ngabantu ebandleni, beguqe ngamadolo abo, bekhuleka, bebonga uNkulunkulu ngeSipho sangempela sikaKhisimusi.

<sup>15</sup> Izicathulo ezinezithende eziphakeme, nobuso obupendiwe, namabhantshi anomisila, nezinkomishi zikagologo zizothintana, enye nanye. Nogologo obiza amashumi ezinkulungwane eziphindwe ngamashumi ezinkulungwane zamadola, nesigazu, nogwayi abanengi bazokhishwa kulobubusuku. Lapho, izinkulungwane zabahluphekile, abancane, abantwana abalambile balala ngaphandle kokuluma ukudla noma indawo yocamelisa ikhanda labo.

<sup>16</sup> Ukukhonza, esikudingayo. Umgubho yilokho esinakho. O, lokho kulungile. Lokho, aku... akulungile, kodwa asikwazi ukukumisa. Akuyi ndawo. Thina, sizoba noKhisimusi khona ngqo ngendlela efanayo.

<sup>17</sup> Futhi igama *Khisimusi*, uKhisimusi uvela egameni elithi "imisa likaKristu," imisa likaKristu, K-h-i-s-i-m-u-z-i. Niyabo? Imisa likaKristu, kuyisiko lamaKatolika.

<sup>18</sup> Neyami encanyana, enye yamadodakazi ami, angisakwazi ukumbiza ngomncanyana, uBecky, kwakudingeka abhale indaba ngolunye usuku, ngesayensi yezinganekwane, ngemfihlakalo. Futhi ngathi, "Bhala nje ngoSanta Claus." Yilokho—yilokho-ke. USanta Claus uthathe indawo kaKristu. Futhi uSanta Claus, wayengakaze abekhona umuntu onjalo. Niyabo? Ngokoqobo kuyisiko lamaKatolika, akukho lutho oluphathelele namaProtestane nanoma yini emayelana nalo,

niyabo, noma uKhisimusi, noma ukuzalwa kukaKristu, lutho nhlobo. Kepha uSanta akayi ndawo.

<sup>19</sup> Kodwa ngelinye ilanga uJesu uzoza azohlala. Lowo yiLowo esimbhekile.

<sup>20</sup> Manje, impela ngixolela ukuthi uMfowethu Neville athathe leli pulpiti, kulobubusuku. Ngoba, kungukuthi, ngitshele abantu ukuthi ngizodeda namhlanje. Futhi uma ngike ngehla ngase ngisho noma yini, bengizokwenza iteyipu. Futhi ngiyethemba ukuthi ba...Unaso isiqophamazwi siqhubeka, unaso na? [Omunye uthi, “Yebo.”—Umhl.] Yenza iteyipu. Noma ngabe uMoya oNgcwele ngesikhathi somhlangano ukhulume noma yini, kungenzeka ukuthi babeyokwenza, babekwazi ukuKuzwa. Niyabo?

<sup>21</sup> NginemiBhalo ethize, kanjalonjalo, ebhalwe lapha, indikimba encane. Futhi angazi; Ngithemba ukuthi iNkosi izokubusisa. Kodwa into yakho ingukuthi, imvamisa, ngalobu busuku bangeSonto, abafu baphumele lapha cishe ngezithuba zesishiyagalolunye, noma imizuzu eyishumi emva kwalokho, futhi nizoba kahle ukuphuma ngaphambi kwelokuqala.

<sup>22</sup> Ngakho-ke, kepha ngicabanga ukuthi kukhona iwashi. E-hhe. [UMfowethu Neville uthi, “Kunjalo.”—Umhl.] Ini? Okuthile, inkonzo yaphakathi kwamabili na? [“Qhabo, hhayi kulobubusuku, lapha.”] Ngiqonde ukuthi...Qhabo, hhayi kulobubusuku, qhabo. Lokho, u—ubecabanga ukuthi mhlawumbe ngibenayo, ixovekile, lobu ubusuku bonyaka omusha.

<sup>23</sup> Awu, silindele isikhathi esimnandi, ubusuku bonyaka omusha. Yilesi sikhathi lapho thina, sonke, bonke abazalwane bengena khona, futhi sinenhlanganyelo enkulu, omunye nomunye, ngobusuku boNyaka oMusha.

<sup>24</sup> Manje, kodwa bengimane nje nginigcona ngalokho. Futhi ngiyethemba lokho akuzange kungene eteyipini.

<sup>25</sup> Yithi, ngelinye ilanga, ngenza iteyipu, ngishayise kulento cishe izikhathi eziningana, futhi—futhi nganginalayo teyipu nje seyonakele, kulokho *UbuKristu Bubhekene Nobuhedeni*. Amateyipu onakala. Ngakho-ke uma amateyipu e—edlala noma engena, ngifisa ukuthi noma ngubani owathathayo ubengeza emnyango. Vele uvule umnyango noma okuthize, ukuze ngazi ukuthi isivuliwe manje. Ngizobona ukuthi *le* nto iphendulwe ngaphi, uma isebenza. Okheyi. Kulungile. Lokho kulungile. Ngizokufihla, ngidlule ngakulolu olunye uhlangothi. Bengingakujoyele.

<sup>26</sup> Awu, ngifuna ukuthatha leli thuba ukubonga leli bandla namalungu alo, ngezinto ezinhle eninginike zona ngoKhisimusi. Esikhathini esedlule, indodana yami ingenile yase inginika ibhokisi elikhulu kakhulu. Futhi bengise...igumbi lami lokufundela, ngitadisha. Ngilivulile, futhi ngathola isudi entsha

yezingubo evela kuleli tabernakele. Nezinto ezincane abantu abangithumelele zona, phezulu lapho nje, engingazivulanga kuze kube uJoe uyangena kulobubusuku fthi uvula okwakhe. Bese kuthi-ke, ngi—ngiyakwazisa impela lokho. INkosi inibusise. Ngifisa sengathi nginganikeza wonke umuntu izipho zikaKhisimusi. Angikwazi ukukwenza. Niyazi ukuthi kukanjani. Awukwazi nje ukukwenza. Yilokho kuphela. Uma u—uma unikeza eyodwa, kukhombisa inhlonipho enjalo. Awukwazi nje ukukwenza. Umfundisi akakwazi nje ukwenza lokho.

27 Futhi ngiyaqonda ukuthi uMfowethu Neville, namhlanje ekuseni, uphiwe ibhantshi elisha. Ngiyabonga kakhulu kini nonke, ngomfowethu.

28 Kunemfihlo encane kulokho, leyo uBilly Paul nami esiyaziyo. Uyazi, ngihamba kancane nganoma yini, ngi . . . ngibamba, noma kanjani, nganoma yini. UBilly wangitshela, ngolunye usuku. Wathi, “Uyazi, babayi, bengingaleya esuphamakethe. Futhi,” wathi, “ngihlangane nobani laphaya na?” Wayenokuqhaq hazela okuncane ephinjeni lakhe. “Mfowethu Neville, futhi,” wathi, “wayeqoke ibhantshi, ebukeya kabi kabi.”

Ngase ngithi, “Ingabe elami lizomlingana na?” E-hhe.

29 Futhi ngakho-ke, futhi wathi, “Qhabo. Yena uyindoda enkulu kakhulu kunawe.”

Ngakho-ke ngathi, “O, ngiyehla nje bese ngimtholela elilodwa.”

30 Ngakho-ke, khona-ke ngithola isheke lami ebandleni lapha, njengoba enza. Ngakho-ke ngaleso sikhathi, uBilly weza egijima negama elikhulu kakhulu elinethonya, futhi wamamatheka ebusweni bakhe, “Babayi, ibandla lizomtholela elilodwa.” Awu, ngiyazi ukuthi impela ibandla lingamtholela engconywa kunami, ngakho-ke ngacabanga, “Kuyamangalisa nje lokho, ukuze sonke sibe nakho.” Kodwa siyazi ukuthi kuza endaweni enhle impela, kuMfowethu Neville edinga lelobhantshi.

31 Niyazi, ngifuna ukunitshela okuthile okuncane ngalokho. Bengifunda emlandweni. Yilokho kuphela engikwenzile emavikini ambalwa edlule, izinyanga noma ezimbili, bekungukuthatha umlando weBhayibheli. Ngake ngafunda i- . . .

32 Incwadi yami yokuqala kwakuyiTestamente eLidala, ukuthi uNkulunkulu wayeyini eTestamenteni eliDala. Ngase-ke ngithatha iTestamente eLisha, futhi ngabona ukuthi uNkulunkulu wayeyini, ukukuqhathanisa namhlanje, ngoba ngiyazi ukuthi Ufanele ahlale enguye. Niyabo?

33 Bese kuthi-ke kunendawo eyodwa yebandla engiyigejile, eyayiphakathi kwesikhathi sokuhamba komphostoli wokugcina kuze kufike isikhathi sobumnyama, lapho ibandla lamaKatolika liqala khona ukubusa. Balahlekelwe yizo zonke izimangaliso,

nabo bonke ubuNkulunkulu, kwaphuma ebandleni, konke. Futhi ngi—ngifuna ukwazi ukuthi kwenzekani ngaleso sikhathi, ngakho-ke ngathatha nje eminye yemilando yasendulo ekhona, efana ne*Two Babylons* kaHislop, ne*Pilgrim Church* ka Broadbent, i *Book Of The Martyrs* kaFoxe, i *The Post-Nicene Fathers*, i *The Nicene Council*, i *Pre-Nicene Council*, nabo bonke labo somlando abakhulu ababhala ngalezo zikhathi, impilo yawo wonke lawo madoda ayigugu. Lapho ngizifunda, kubonakala sengathi ngamuzwa u *Psalms Of Life* kaLongfellow.

Izimpilo zamadoda amakhulu zonke ziyasikhumbuzwa  
Singenza izimpilo zethu ziphakame kakhulu,  
Nokuhlukana kusele ngemuva kwethu  
Amanyathelo ezihlabathini zesikhathi.

<sup>34</sup> Ngenkathi ngibona lokho labo abesilisa nabesifazane abadlula kukho, emuva lapho, futhi niyabo, ukugcina leli Vangeli elifanayo! Futhi ngenkathi beshumayela leli Vangeli elifanayo, into efanayo eyenzeka eTestamenteni eliDala, iTestamente eLisha, kwase kuthi-ke ngokufana ncamashi. Ngakho-ke lokho kuLinikeza ufakazi oyedwa, ababili, abathathu. Wonke amagama ayasungulwa. UNkulunkulu ofanayo owayesebenzana nabaprofethi abadala, wasebenzana nabaphostoli, futhi wasebenzana nabazalwane bangaphambi kweNayisiya.

<sup>35</sup> Futhi Nangu namhlanje, esebenza ngendlela efanayo nabantu baKhe, nezibonakaliso ezifanayo, izimangaliso ezifanayo, iVangeli elifanayo, amandla afanayo, uNkulunkulu ofanayo, konke. Nabathathu njengofakazi, kithi, ukuthi *Leli yiQiniso. Leli yiQiniso.* UNkulunkulu walinikeza ngamatestate amathathu. Niyabo? Lowo mlando ungukuthi...

<sup>36</sup> IBhayibheli ngumlando walokho uNkulunkulu ayeyikho, kanjalo nomlando weTestamente eLidala.

<sup>37</sup> ITestamente eLisha ngumlando we—weTestamente eLisha.

<sup>38</sup> Futhi i*Nicene Council And Fathers*, ne*Post-Nicene Council*, ingumlando webandla ngaleyo nkathi.

<sup>39</sup> Futhi manje umlando uyaqhubeka njengoba wawunjalo. Okungukuthi, lo mlando awusoze wabhalwa. Qhobo. Kusondele kakhulu ekuFikeni manje.

<sup>40</sup> Futhi uNkulunkulu usiza umuntu kulezi zinsuku, abantu abazama ukufuna ukuhlonishwa ngabantu, amadoda azama uku—ukuzenza athandwe ngabantu, noma phakathi kezidalwa ezingabantu. Awazi yini, ukuthi isidalwa esingumuntu, lapho sibhubha, konke kubhubha kanye naso na? “Kepha funani ukuzuza ingcebo yaseZulwini. Azisoze zadlula.”

41 Izibusiso ezicebile zikaNkulunkulu ziphumule phezu kwenu nonke. Ngibatshelile, kulobubusuku, invamisa kuyisiko lami ukuya ebandleni ndawondawo ngeSonto, uma ngingakwazi.

42 Mina, namuhla, namhlanje ekuseni, bengifuna ukuza ezansi kabi ngempela, futhi ngizwe umyalezo kaMfowethu Neville. Kepha ngemuva kokwenza lesi sithembiso, khona-ke angizange ngifune ukusiphula.

43 Ngakho-ke ngazama ukulalela imisakazo, futhi—kanjalonjalo, futhi konke ebengingakuzwa nje bekunguthi, “Ngokushesha emva kwale nkonzo, sonke sizohlangana egumbini lokudla kwasemini futhi siphuze ikhofi ndawonye. Futhi sizo...” Lifikelaphi ibandla na? Yidlangala. Kungani ungavele uthi “idlangu” esikhundleni sebandla. Ibandla awafanele enze lokho. Ibandla aliwona umhlangano wekhofi, noma amadina, noma ukudlwa kwakusihlwa, nezinto ezinjalo.

44 Sinobudlelwano neNkosi. Ibandla, yilapho sixoxa khona naYe.

45 Ngathi kunkosikazi, “Sthandwa, ngi—ngiba ngogxeka kakhulu, ngiyakuzonda ukwehlela etabernakele, noma ngingene epulpiti.” O, lapho ngikhula ngiba mdala, kubukeka sengathi, ngiba mubi ngokwengeziwe. Futhi a—a—angi—angifuni ukuba yilokho, kanjalo. Kodwa kukhona Okuthile ngaphakathi kimi okungiholelayo, ukuba ngibe njalo.

46 Ngase-ke ngithi, “Ngabe ngilahlekelwa ingqondo yami na? Kungani ngingenakuhamba naso sonke isixuku na? Kungani ngingenakuhamba njengabanye abazalwane na? Kungani ngingenakuzitholela inhlangano, ngizakhele ngakuyo njengoba benza na? Noma, kungani ngingenakuhamba ngiphume ngiyeke ukugqonqa abantu nezinto ezinjalo na? Kungani ngingenakukwenza?” Ngabe sengithi-ke, ngiyacabanga, “Ngabe ngilahlekelwe yingqondo yami na?”

47 Ngibe-ke sengibuyela eZwini, futhi nanto-ke. Ngifanele ngihlale naleloZwi.

48 Ngathi, “Mina, ukube bekungengenxa yeZwi likaNkulunkulu, futhi bengazi ukuthi bekunoNkulunkulu, bengizozangakhela ikamelo elincane ndawo ndawo, kude kakhulu emuva eBritish Columbia, emuva le eCanada, ezintabeni lapho bengingebone khona isidalwa esingumuntu, kanye nkonyaka. Futhi lapho ngangizwa iPhimbo likaNkulunkulu emifudlaneni egelezayo, bese ngiMuzwa ngenkathi Ememeza kakhulu, empisini esiqongweni sentaba. NgangiMuzwa ngenkathi Ehlebeza phakathi kwezihlahla ezinkulu zeshoba, futhi ngibuke ubuso baKhe obuthandekayo esibukweni sesiziba, lapho sibonakalise izintaba ezinkulu ezikhaphuzela iqhwa. Ngani, ngikhonze uNkulunkulu zonke izinsuku zokuphila kwami, emuva phakathi lapho. Ngiyazi ukuthi ngiyoba ngokoqobo ngokwengeziwe ngoNkulunkulu,

emuva lapho, kunokuba ngikwazi ukulalela izidlo zekhofi namaphathi etiyе, nalo lonke lolu hlobo lwezinto esinazo namhlanje, okuthiwa yibandla; izivumokholo, nezinganekwane, nezinsumansumane, nakho konke okunye, ukuthatha indawo yeVangeli.”

<sup>49</sup> Kungcono ngifunde umBhalo othile, angiwufundanga yini, bese ngiqala. Manje, ngaphambi kokuba sifunde, asikhulume kuLowo OwaWuloba, sisakhothamisa amakhanda ethu.

<sup>50</sup> Bonke abanesicelo kulobubusuku, lokhu kungubusuku bangaphambi kukaKhisimusi, bangahle babe nokuthile okufana nalokhu, “O Nkosi, ngiyabonga enhliziyweni yami ngoKristu, futhi ngifuna ukusondela kakhudlwana manje kunanini ngaphambili. Angifuni ukubuyela emkhombeni esibayeni, kodwa ngifuna ukwenza inhliziyو yami ibe ngumkhombe, hhayi okosana uKristu, kodwa uKristu onguNkulunkulu, u-Emanuweli.” Ungavele nje ukwazise nje ngesandla sakho esiphakanyiselwe kuKristu na? INkosi mayiniphe isicelo senu.

<sup>51</sup> Baba waseZulwini, manje sihlangene endlini ebizwa ngendlu yomkhuleko, indawo lapho sihlangana khona ukukhonza iNkosi uJesu kuyo yonke imisebenzi Yayo emikhulu, nokufundisa iZwi laYo, nokukholwa ukuthi Yena uyiZwi. SiyaKubonga ngalobu busuku, namathuba abo abekwe phambi kwethu, ukuletha iZwi likaNkulunkulu ophilayo kubantu abaphilayo, futhi ikakhulukazi kulabo abahlala kuKristu Jesu, abavuselelwe kabusha, abazalwe kabusha, baba izidalwa ezintsha. Nethuba esinalo lokwethula a—amaqiniso kulabo abangezona izidalwa ezintsha kuKristu, ukuthi, kulobu busuku, bangaba izidalwa ezintsha kuKristu. Nikeza ngamunye walaba bantu isifiso senhliziyo yabo.

<sup>52</sup> Futhi kwangathi bona, kulobubusuku, uma bengakaze ngaphambilini, bangene kuleli elikhulu jikelele, iBandla lekatolika; lokhu, *ubukatolika*, njengoba lise “mhlabeni wonke,” ubuphostoli, abangewele abazelwe ngokusha bakaNkulunkulu ophilayo. Siphe khona, Nkosi. Sengathi umuntu ngamunye angaba yilungu laLo. Ngoba, LinguMzimba, hhayi isakhiwo, kodwa uMzimba, uMzimba kaKristu, thina-ke singamalungu aloMzimba. Siphe khona, Nkosi.

<sup>53</sup> Kwangathi izipho ezinkulu ezivela kuKristu zingathululelwa kubantu, kulobubusuku, ongowoMzimba. Hhayi iphakethe elivaliwe ngci, hhayi ngezipho zikaKhisimusi kulo, njengoba thina bantu basemhlabeni singanikezana, ekwaziseni uthando lwethu komunye nomunye. Kepha makube yilolo phawu lukaMoya oNgcwele lwehlela emphefumulweni wesintu, ubanikeza ukuPhila okungafi. Babusise bonke, ndawonye, Baba.

<sup>54</sup> Ngenkathi, kulobubusuku, ngokwazi kwethu, siphilile saka futhi sijabule, umlilo omuhle ofudumele okufanele



siwubeke, uphahla phezu kwamakhanda ethu, futhi sicabanga ngezinkulungwane emhlabeni jikelele, zingenandawo lapho zingaya khona. Baba waseZulwini, yiba nomusa kithi, futhi uphe lesi sicelo.

<sup>55</sup> Siyacela kulobubusuku ukuthi Uzolibusisa iZwi njengoba Liqhubeka manje.

<sup>56</sup> Busisa umelusi wethu. Busisa abaphatheli nabadikoni bebandla, nawo wonke umuntu ohlangene nalo, ebulungwini boMzimba, bezalwa ngokusha. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

<sup>57</sup> Njengoba ngiqalile, emizuzwini embalwa edlule, ukusho, ekufundweni kwabangcwele. UMartin oNgcwele wafika ngobunye ubusuku obubandayo, futhi wathola ikhehla elimpofu lilele, libulawa amakhaza, esangweni. Futhi wabona abantu bedlula, ababekwazi ukunika ikhehla i—ijazi lohlobo oluthile, kodwa abakwenzanga. Futhi yena azi ngaleso sikhathi ukuthi kwakungumsebenzi wakhe ukukwenza, nokho uyise nonina bobabili bengabahedeni. Kodwa wayeyisosh, ngakho-ke wakhumula ijazi lakhe, wathatha inkemba yakhe wase elinquma, phakathi nendawo, laba kabili, wase esonga umfo omdala ngalo, wayeseqhubeka-ke. Futhi abantu bamhleka, bambhinqa. Bathi, “Isosh elibukeka lihlekisa! Yeka uhlanya olunje pho!”

<sup>58</sup> Kodwa ngobusuku obulandelayo, waphaphama, enkanjini lapho ayehlala khona, futhi wayesembonweni. Futhi wabheka, futhi wayesekamelweni, futhi lapho kwakumi uJesu nesigejane seziNgelosi simi siMzungezile. NoJesu Wayezisonge ngalesi siqephu sengubo, ijazi. Futhi Wathi eziNgelosini, “Niyazi ukuthi ngikuthathaphi lokhu na?”

Futhi zathi, “Qha, Nkosi yami.”

Wathi, “UMartin uNgisonge ngaleli.”

<sup>59</sup> Ngakho-ke uMfowethu Martin wayazi, ngaleyonkathi, ukuthi lolo kwakulubizo lwakhe enkonzweni. Ngoba, ngenkathi esonga lelo khehla ngaleyongubo, uJesu wayekulelo khehla. Ngakho-ke uma Wayesekheleni, njengoba besingalibiza ngesinxibi noma umalala epayipini, elele emgwaqweni, uJesu uzokuza kunoma ngubani kithina. Wabe-ke esazi, “Enikwenzile kulaba abancanyane, abancane baMi, nikwenzile kiMi.” UNkulunkulu asisize sikukhumbule lokho.

<sup>60</sup> Manje, nina eninamaBhayibheli enu futhi nifuna ukubhala phansi indikimba, ngifuna ukufunda izindawo ezimbili emiBhalweni eNgcwele kulobubusuku, enye ephuma ku-Isaya, enye ephuma kuJohane oNgcwele. Ngifuna ukufunda ku-Isaya, isahluko sama 42; nakuJohane oNgcwele, isahluko 12. Ngifisa ukufunda imiBhalo. U-Isaya 42 uqala ngele 1, ivesi 1, bese wehla uhlanganisa nevesi le 7.

*Bheka inceku yami, engiyisekelayo; okhethiweyo wami, othokoza ngaye umphefumulo wami; nginikele umoya wami phezu kwakhe: uyakukhiphela iZizwe ukwahlululela.*

*Akayikukhala, noma aphakamise, noma azwakalise izwi lakhe ezitaladini.*

*Umhlanga ofecekile akayikuwaphula, nendwangu efuthayo ngeke ayicime: uyakuletha ukwahlululela ngeqiniso.*

*Akayikudangala aphele amandla, aze amise ukwahlululela emhlabeni: neziqhingi ziyakuhlalela umthetho wakhe.*

*Isho kanje. . . iNKOSI, eyadala amazulu, yaweneka; eyendlala umhlaba, futhi. . . ovela kuwo; enika abantu abakuwo umoya, nomoya kwabahamba kuwo:*

*Mina iNKOSI ngikubizile ngokulunga, ngizokubamba ngesandla, ngikugcine, ngikunike ube yisivumelwano sabantu nesokukhanya kwabeZizwe;*

*Ukuze uvule amehlo ezimpumpithe, ukhiphe etilongweni, ematilongweni, nabahlezi ebumnyameni. . . etilongweni.*

<sup>61</sup> Manje esahlukweni se 12 sikaJohane oNgcwele, futhi ake siqale ngevesi le 17 bese sifunda i. . . ezansi cishe ivesi le 28.

*Ngakho-ke isixuku. . . sasinaye lapho ebiza uLazaru aphume ethuneni lakhe, emvusa kwabafileyo, efakaza.*

*Ngenxa yalokhu isixuku naso samhlangabeza, ngokuba sizwile ukuthi wenze lesi simangaliso.*

*Ngakho-ke abaFarisi bakhuluma bodwa, Niyabona ukuthi asisizi lutho na? bheka, izwe lonke esiphumela ngemva kwakhe.*

*Kwakukhona amaGreki athile phakathi kwababenyuka ukuba bakhuleke emkhosini:*

*Lawo-ke aya kuFiliphu, waseBetsayida laseGalile, futhi acela kuye, athi, Nkosi, sithanda ukubona uJesu.*

*UFiliphu weza futhi ukhuluma noAndreya: futhi aphinde Andreya noFiliphu akhuluma uJesu.*

*UJesu wabaphendula wathi Isikhathi sesifikile sokuthi iNdodana yomuntu ikhazinyuliswe.*

*Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kuwe, Uma inhlamvu kakolweni iwela emhlabathini ingafi, ihlala yodwa: kepha uma ifa, ithela izithelo eziningi.*

*Lowo othanda ukuphila kwakhe uyakulahlekelwa yikho; futhi lowo ozonda ukuphila kwakhe kuleli zwe uyakukulondela ukuphila okuphakade.*

*Uma umuntu engikhonza, akangilandele; (lalela manje) futhi lapho ngikhona, nenceku yami izobakhona: uma umuntu engikhonza, uBaba uzomhlonipha.*

*Manje umphefumulo wami ukhathazekile;... ngizothini? Baba, ngisindise kulelihora: kepha ngenxa (imbangela) yalokhu ngifikele kuleli hora.*

*Baba, khazimulisa igama lakho. Kwase kufika izwi livela ezulwini, lithi, ngilikhazimulisile kokubili, ngobuye ngilikhazimulise.*

<sup>62</sup> Manje, ngidonsa kulokhu, indikimba engiyisebenzise ngenye indlela: *Banumzane, Sithanda Ukubona UJesu.*

<sup>63</sup> Izikhathi ezingaphambilini, ngike ngasondela kule ndaba, futhi, kodwa ngithe ukwehluka kancane kunalokho engihlose ukukwenza, kulobubusuku. Manje, lokhu ukuhleleka okungajwayelekile kwesigcawu ngomyalezo kaKhisimusi. Kodwa ngiyacabanga, namuhla, wena, emsakazweni, nizwile ethi *Three Men Of Orient neLittle Town Of Bethlehem*, ne*Silent Night*, futhi nezwa abefundisi bekhuluma ngokuzalwa kwaKhe, kanjalonjalo. Nami, ngibeka uMlayezo wami kaKhisimusi kulobubusuku, emva kokuthi usuwuthole kakhulu kule ntambama, nezinsuku ezimbili noma ezintathu zokugcina, ngicabange ukuthi ngizoba nombono ohlukile ngawo, hhayi kusukela ekuzalweni kwaKhe, futhi bengizowukhuluma ngenye indlela. Futhi lokhu ukuhleleka okungajwayelekile kakhulu, kepha kusezintweni ezingajwayelekile sibona iQiniso leZwi likaNkulunkulu. Kusentweni engajwayelekile.

<sup>64</sup> Kwakusekuhlelekeni okungajwayelekile kweZwi likaNkulunkulu, ukuthi abantu baMqonda khona ukuthi unguMesiya, hhayi ukuhleleka okujwayelekile abaFarisi nabaSadusi abeza ngakho, bebatshela. Kwakuyinto engajwayelekile, ukubona uMesiya ezalwa esibayeni, esikhundleni sokwehla emihubheni yaseZulwini, njengoba babecabanga ukuthi Uyofika kanjalo, noma njengoba bona—bona bathi Uyofika kanjalo.

<sup>65</sup> Kwakuyinto engajwayelekile, ngenkathi, emfuleni iJordani, lapho “izintaba zitshakadula njengezingqama ezincane,” futhi isithunywa sithunyelwa phambi kwaKhe. Esikhundleni sakhe ngokuba umpriisti ofundiswe kahle ukuthi ubengaphuma ukumemezela ukufika kwaKhe, ubungabona indoda enobuhwanga ebusweni bayo bonke, nezinwele ezingamahlikihliki, nesiqeshana sesikhumba sesilwane ezisonge ngaso, kube yibhantshi. Futhi aphumele odakeni, luphezulu ngenhla kwamaqakala akhe, mhlawumpe, futhi ashumayele umyalezo onjalo oshukumisayo. Futhi atshele abaFarisi nabaSadusi, futhi abize lezo zazi, “Nina nzalo yezinyoka.” Lokho kwakungajwayelekile ukuthi umuntu enze lokho, kodwa futhi kwakuyindlela yokuthola iQiniso, iMpilo, indlela

engajwayelekile. Hhayi ukuhlela, indlela ejwayelekile, kodwa indlela engajwayelekile.

<sup>66</sup> Futhi kuyisifiso senhliziyo yami kulobubusuku, ukuthi, kulo mBhalo ongajwayelekile, ukuthi sizothola incazelo eyiqiniso kaKhisimusi, ukuthi uKhisimusi usho ukuthini kithi, indlela okufanele sikwenze ngayo manje, noma yini, ukuthi sifanele sisondele kanjani kuKhisimusi.

<sup>67</sup> Manje siyathola phakathi lapha, njengoba sifundile, lamaGrecki ayefuna ukuMbona. Ayefikele ukuthola uJesu. Akungabazeki ukuthi wona, njengawe nami, ayezwiwe ngaYe, imisebenzi emikhulu Ayeyenzile, nokushumayela okukhulu Ayekwenzile, nezinto ezingajwayelekile zempilo yaKhe, ngakho-ke Waba nguMuntu ongajwayelekile.

<sup>68</sup> Futhi ngifisa ukuma lapha isikhathi eside ngokwanele ukusho lokhu, ukuthi, njalo kakhulu, lapho uthola uNkulunkulu kumuntu, uthola umuntu ongajwayelekile kakhulu esetshenziswa ngendlela engajwayelekile kakhulu.

<sup>69</sup> Ngakho-ke, uJesu wayeyilolu hlobo loMuntu, futhi Waheha abantu, ukuthola ukuthi Wayeyini kanye nokuthi Wayengubani.

<sup>70</sup> Futhi, kusobala, lamaGrecki ayengabaphikinkolo, abahedeni, ngoba amaGrecki ayekhonzisa izithombe. Futhi ayemakhulu, awu, ngingathi, ababazi nabasubathi. Futhi babenobuciko obuningi, amaGrecki ayenabo, ubuciko obukhulu bamaGrisi, obungakaze kuncintiswane nakho kuze kube namuhla, kubuciko babo. Futhi babengabantu abakhulu, abantu abasubathayo.

<sup>71</sup> Futhi ekubeni, bazi ukuthi kwakukhona uNkulunkulu ndawo ndawo. Futhi babenezinkulungwane zabo ababezikhonzisa. Futhi babezwile ngoNkulunkulu womlando owenza izimangaliso ezinkulu phakathi kwamaHeberu. Futhi-ke babezwile futhi ukuthi lo Nkulunkulu, owayevame ukuba nguNkulunkulu wamaHeberu owenza izimangaliso, wayekhona laphaya ezweni lakubo, ekanye nabo futhi. Ngakho-ke kwaheha ukunaka kwabo, ngakho-ke beza ukuzobona uJesu.

<sup>72</sup> Futhi qaphelani, imvamisa indlela abantu abafuna ngayo ukuthola uJesu, ngukuthola umuntu owaziyo ukuthi angabayisa kanjani kuYe. Umholi, noma enye yezinceku zaKhe, yindlela abaMthola ngayo. Ngakho-ke uJesu, uma Eke wakhetha inceku, Uhlala ekhetha umuntu ozoletha abantu kuYe, ngoba kuyinjongo yaKhe ukukhonzisa abantu.

<sup>73</sup> Manje sithola ukuthi balethwa eBukhloneni baKhe. Manje, lamaGrecki. UFiliphu, babebonisane noFiliphu, noFiliphu bathi, “Manje, nangu umuntu ofuna ukubona iNkosi yethu. Ngakho-ke ngeke kulunge ukuthi ngibe nelungelo lokwethula lamaGrecki eNkosini yami, ngakho-ke ngizohamba ngithole u-Andreya ukuba ahambe nami.” Futhi ngakho-ke bahamba futhi bathola

u-Andreya. Futhi u-Andreya noFiliphu, bobabili, beza futhi—futhi bethula lamaGreki kuJesu.

<sup>74</sup> Manje, nansi into enhle, nombhalo ongajwayelekile. Ngokushesha nje lapho lamaGreki esekhunjwe kuJesu, uJesu akazange azikhombe Yena uqobo, noma Akazange Azazise kubo. Ngoba, ngeke umazi uJesu ngaleyo ndlela. UJesu akaziwa ngaleyondlela.

<sup>75</sup> Kodwa ngokushesha nje, sibona lapha emBhalweni, ukuthi ngenkathi lamaGreki elethwa, alethwa kuJesu, futhi ayeseBukhoneni baKhe, kubukeka kwangathi uJesu wayezothi, “Awu, lokhu akusikho...Ngi—NginguMesiya wohlanga lwamaJuda, okwabikezelwa ngabaprofethi, ngokuphefumulelwa, kwehla phakathi kumakhulu minyaka. Futhi ngilapha manje. Futhi ngiyi...ngizalwa yiNazaretha. Ngingumama ongumJuda. UBaba wami nguNkulunkulu. Futhi ngilapha manje ukuze Ngizazise kini maGreki.” Manje lokho bekuzofana kakhulu nehumusho lango 1961.

<sup>76</sup> Kodwa, bukani, ngokushesha nje lapho bengeniswa eBukhoneni baKhe! Leyo yinto esemqoka, ngenisa abantu eBukhoneni baKhe. Futhi kwathi nje eBukhoneni baKhe, uJesu wathi, “Ngaphandle kokuthi inhlamvu kakolweni iwele emhlabathini futhi ife, ihlala yodwa.” Yeka into engajwayelekile kanje pho! Esikhundleni sokwamukela ukwethulwa kwabo, into Ayenzile kwakungukubakhomba endaweni ababengamthola khona kuYo. “Ngaphandle kokuthi inhlamvu kakolweni iwele emhlabathini futhi ife, ihlala yodwa.”

<sup>77</sup> Wenzani lapha na? Wabakhomba kuleloQiniso elikhulu, ukuthi bangaMbona kanjani. Abakwazanga ukuMbona ngendlela yokuPhila okuPhakade, emi lapho nje ngendlela Ayengayo. WayenguMuntu.

<sup>78</sup> Ekuseni okumbalwa okwedlule, ngibe nombono, cishe ngelesishiyagalolunye noma ngeleshumi nqo ekuseni.

<sup>79</sup> Bengilokhu ngikhuleka eNkosini, ngizwa ubizo lunginyakazisa njalo njalo emasimini angaphandle kulo nyaka, ngiqale khona lapho, umhlaba wonke. Ngifuna ukuya eNorway, futhi ngifuna ukuya eGermany, e-Afrika, nasezizweni eziningi, kulo nyaka, uma iNkosi ivuma. Ubizo nje olusenzizweni yami, lokuhamba.

<sup>80</sup> Futhi ngangikhuleka eNkosini, futhi umbono wehlela phezu kwamehlo ami. Futhi ngangimi ngaleyonkathi, ngahamba ngathi ngingamula kwiphansi ngase ngingena e—egumbini lapho kwakukhona abesifazane ababili, ikakhulukazi. Omunye wayesekhawunteni, kanti omunye wayesekhawunteni. Babethengisa izinto ezingafani. Awu, ngama isikhashana futhi ngizibuza ukuthi kumayelana nani. Ngabe sengibona indoda ingena, futhi yathenga kulona wesifazane kulekhawunta,

ibhodlela elincane lamakha eliya komunye, umkakhe, mhlawumbe.

<sup>81</sup> Ngabe-ke sengikhuphuka, ngase ngithi, “Yimalini lawo makha na? Ngingathandela umkami, kepha ngifuna awohlobo lwesihlahla esinezimbali. Ngithanda amawohlobo lwesihlahla esinezimbali.”

<sup>82</sup> Futhi wathi, noma owesifazane wathi, njalo, i... “Leli bhodlela elincane lelo leyo ndoda elithengele umkalo, lingamasenti angamashumi amane, kodwa akuwona awohlobo lwesihlahla esinezimbali. Leli elinye ibhodlela, lohlobo lwesihlahla esinezimbali, liyidola namasenti angamashuni ayisishiyagalolunye nesishiyagalombili.”

<sup>83</sup> Futhi ngathi, “Ngizothatha lawo.” Ngase ngiya esikhwameni sami semali, ukuthola imali. Futhi bengicabanga ukuthi ngimnikeze amadola amabili angamaphepha.

<sup>84</sup> Ewabuyisela emuva, wathi, “Mnumzane, angiyazi le mali.” Futhi wayibusela emuva kimi. Futhi kwakuyimali yaseCanada engamadola amahlanu ayiphepha.

<sup>85</sup> Futhi ngathi, “Uxolo. Bengicabanga ukuthi bekuyidola.” Ngabe-ke sengithi, “Ngiyi... Ngiyisithunywa senkolo. Futhi mina, kumamishini ami, ngithola imali ezingxenyezi ezahlukene zomhlaba. Futhi, kulokhu, genze iphutha.”

<sup>86</sup> Ngakho-ke, wangibuyisela amadola amahlanu ayiphepha. Futhi ngamnika idola elilodwa eliyiphepha laseMelika. Futhi wanginikeza ushintshi, wayesethi, “Isithunywa sevangeli?”

Ngase ngithi, “Yebo, memu.”

<sup>87</sup> Futhi ngenkathi ngisakhuluma, noma ngimbheka, wabheka kowesifazane olandelayo, futhi wathi ukunqekuzisa ikhanda lakhe. Futhi wathi, “S’thandwa, uyakholwa ukuthi uMfowethu Branham uqinisile, ukuthi thina besifazane namhlanje sizodingeka siphile njengoba asitshela, ngokugunda izinwele zethu, nokugqoka izingubo zethu, nezinto ezinjalo na?” Wathi, “Awucabangi ukuthi unephutha kulokho na?”

<sup>88</sup> Wathi, “Yebo.” Futhi wathi, “Qhubeka, s’thandwa. Wena, Ruth,” noma ngabe kwakungubani igama lakhe; wathi, “unokuphefumulelwa. Kusho.”

<sup>89</sup> Awu, masinyane, bengazi ukuthi bengisembonweni, ngakho-ke ngangazi ukuthi kwakuyilabo besifazane ababili, njalo. Niyabo? Bona ba, bobabili, ibandla likamunye nelikaziqu-zintantu. Nabo bemi lapho.

<sup>90</sup> Futhi wathi, “Yebo.” Wathi, “Angicabangi ukuthi sifanele. Ngoba, asikaze siwabone amehlo aKhe. Asikaze sikubone ukwakheka kwaKhe. Besingeke sazi ukuthi Ubebukeka kanjani, pho kungani sizokwenza na?”

<sup>91</sup> Futhi ngangigqoke isudu endala yokugada. Ngase ngithi kowesifazane, ngathi, “Umzuzwana nje, bodadewethu. Niyabo, ufanele uphile ngokweBhayibheli nje, akunandaba ukuthi Laliyini.”

<sup>92</sup> Wathi, “Kodwa asikaze sihlale emuva lapho, futhi asikaze siMbone.”

Ngathi, “NgiMbonile.” Ngase ngithi, “Into yakho ingukuthi. . .”

<sup>93</sup> Ngacabanga, “Nkosi, manje, ngiphambi kwamabandla amabili amakhulu, ahlakaniiphile. Manje, Ufanele unginike ukuhlakanipha.”

<sup>94</sup> Futhi ngakho-ke ngazizwa ngiqala ukukhuluma. Ngifuna nina nikuhlale. Angikaze ngicabange ngakho, empilweni yami. Ngathi, “Indoda namuhla ifanele ifane njengoba yayinjalo ngaleso sikhathi, ngoba iyindoda efanayo. Yakhiwe ngemizwa eyinhlanu. Futhi ukuba ubemile futhi waMbuka, ngqo ebusweni, ubesazodinga ukuba nawo lowomuzwa wesithupha wokukholwa, ukuMkholwa, akunandaba ukuthi Wayebukeka kanjani. Ubezofanele aMkholwe, noma nkanjani.”

<sup>95</sup> Futhi bafihla ubuso babo ngamahloni, futhi bathi, “Asikaze sikubone, mnumzane, kanjalo,” base beqala ukuhamba. Ngibe-ke sengiphenduka futhi ngaqala ngaya emasimini ezimishini, engaziyo ukuthi kwakunguku—u—ukubizelwa emuva ensimini.

<sup>96</sup> Manje, niyabo, Wakhomba, bona laphaya eBukhoneni baKhe, uKristu wabakhomba eQinisweni. Wayisho indlela yokuMbona, kwakuwukuya esiphambanweni. Yilapho okukhona, esiphambanweni. “Uma inhlamvu kakolweni iwa, ihlala yodwa.” Futhi ukuba Wayengafanga, Wayezo—yezodingeka ahlale yedwa, Yena uqobo, ukuba Akafanga. Kodwa, Yena, eyinhlamvu kakolweni eyawela emhlabathini. “Futhi-ke uma luwela emhlabathini,” Wathi, “luyoveza inala, uma luwela emhlabathini futhi lufe.” Okokuqala, kufanele kube inhlamvu ehlwanyelwe, kungenjalo ngeke iveze lutho. Kodwa kufanele lube nokuphila ngaphambi kokuba luwela emhlabathini. Futhi WayenokuPhila okuPhakade kuYe, ngoba Wayengu-Emanuweli. Futhi Wayefanele anikele ngokuPhila kwaKhe uQobo, ukuze alethe ukuPhila futhi.

<sup>97</sup> Thatha, njengokolweni. Wena uthi, “Kungenzeka kanjani inhlamvu eyodwa kakolweni na?” Nakhu okwenzekayo. Inhlamvu eyodwa iwela phakathi, iveza izinhlamvu eziyikhulu. Izinhlamvu eziyikhulu ziwela ngaphakathi, ziveza izinhlamvu eziyinkulungwane. Izinhlamvu eziyinkulungwane ziwela phakathi, bese ziveza okusanhlamvu okuyisigidi. Izinhlamvu eziyisigidi ziwela ngaphakathi, futhi ziveza u—umthwalo wesikebhe. Futhi kuqhubeke, kuqhubeke, kuqhubeke, kuze kondle umhlaba wonke.

<sup>98</sup> Yilokho Ayekuqondile. “Uma ngiphila iMpilo yaMi ngedwa, futhi ngife ngalendlela, ngimane ngiphile iMpilo yaMi ngedwa, awu, ngakho-ke, ngeke kube khona zithelo emva kwaMi. Kodwa uma ngiwela emhlabathini, ngaphansi kwentando kaNkulunkulu, futhi ngizoveza ukuZalwa okusha. Futhi kulokho kuZalwa okusha, kuyoveza okunye ngokuZalwa okusha, nokunye ngokuZalwa okusha, kuze kube yilapho umhlaba wonke, uzothunywa; kushunyayelwe iVangeli.” “Leli Vangeli lifanele lishunyayelwe emhlabeni wonke, kube ngubufakazi kiMi. Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.”

<sup>99</sup> Ngakho-ke uma thina uqobo lwethu khona-ke, enkonzweni yethu, nasemicabangweni yethu, nasempilweni yethu, uma sihlala njengoba sinjalo, akukho okuhle esingakwenza. Sifanele futhi ukuba sife e-altare, kungenjalo siyohlala sodwa; sizophila ehlelweni elithile noma isivumokholo esithile; sizophila enhlanganweni ethile. Kepha uma sifa kithina, khona-ke uMoya oNgcwele uyosakazeka yonke indawo, ngezindebe zethu. Sifanele sife. Bangingi kakhulu, namuhla, ngakho-ke kufana namanje. Ukuthi uma . . . Sifanele siqonde ukuthi sifanele sife, kuze siveze impilo entsha. Ngakho-ke Washo okuningi kakhulu kulokhu, “Uma ufuna ukuNgibona, ufanele nife. Ufe kuwe uqobo, khona-ke uzoveza impilo entsha.”

<sup>100</sup> Manje, uma sifuna ukuMbona, uma uke walindela ukuMbona, awusoze waMbona ngokujoyina ibandla okuthile, incwadi ethile yemithetho oyigcinayo, ezinye izivumokholo ozikhonzayo. UyoMbona lapho ufa. Lapho ufika eKalvari futhi ubethelwe kuwe uqobo, khona-ke uzobona uJesu. SiyoMbona.

<sup>101</sup> Okokuqala, ngaphambi kokuthi Asho noma yini, Wabakhomba endaweni ukuba baMthole kuyo. Njengabo bonke abeZizwe, noma bonke abantu, uthola uJesu esiphambanweni, lapho ubethelwa kanye naYe.

<sup>102</sup> Namuhla, sizama ukuMthola kukho konke. Sizama ukuMthola esakhiweni sebandla. Sizama ukuMthola ehlelweni. Sizama ukuMthola ngokusho isivumokholo esithile. Sizama ukuMthola ngokugcina izinsuku ezithile, ngokuhlonipha izinkambiso ezithile. Kodwa asikwazi ukuthola, size sifike eKalvari. Sibethelwa lapho-ke, siwele othulini lomhlaba, bese sifa kithi uqobo, bese-ke sizalwa ngokusha. Khona-ke sesithola uJesu.

<sup>103</sup> O, abangingi kakhulu bayazama, namuhla, ukuzibamba futhi ugcine umbono wakho siqu. “Ngiyitholile indlela *yami* ngakho. Ngiyakukholwa *lokhu*.” Kodwa ungeke umthole uKristu uze ufe kuwe uqobo, futhi uMamukele, iZwi, khona-ke uthola ukuPhila. Asibone.



104 Kwehluke kanjani namuhla! Kwehluke kanjani namhlanje, namuhla, ngamabandla, noma abafundi banamuhla! Benzani, uma uza kubafundi namuhla na?

105 Labobafundi, ngaphambi kokuba benze noma yini, bathatha lamaGrecki baqonda ngqo eBukhloneni bukaJesu. Futhi uma Enguyena izolo, namuhla, naphakade, Uzofanele enze ngokufanayo namhlanje uma wena ulethwa eBukhloneni baKhe.

106 Abafundi namuhla umehluko omkhulu kakhulu, wanamuhla. Bazama ukukuyisa embhedeni wengane oyendezelayo, noma emkhombeni, noma kuSanta Claus, noma kunogwaja ngePhasika, noma ngokunye, esikhundleni sikaKristu. Abakulethi neze eBukhloneni bukaKristu. UKhisimusi akuyena uKristu. Qhabo. Namuhla, bakuletha, kwenye indawo, emfanekisweni othile, ibandla elithile, inhlangotho ethile, imithetho ethile yezimfundiso, kodwa bangakungenisi neze eBukhloneni bukaKristu.

107 Owangempela, umfundi weqiniso ubengakuletha ngqo eBukhloneni bukaKristu. Futhi ukusuka lapho, uKristu ubeyokukhombisa obekufanele ukwenze.

108 Manje, “Umoya ususukile kuKhisimusi,” kusho othile namhlanje. Ngibezwile emsakazweni, kwasho indoda inikeza impikiswano, umfundisi, ngokuthi, “Abantu abaningi namuhla beithi, ‘uKhisimusi awusikhona *lokhu*. Futhi bekungafanele sibe noSanta Claus nezinto.” Futhi lowomfo uzama ukwenza amaphuzu akhe acace, ukuthi, “Uma ukhiphe uSanta Claus kuKhisimusi, uwukhiphile umoya.” Ukhiphe umoya kaSanta Claus, lokho kuliqiniso. Futhi umoya kaSanta Claus awu. . .

109 USanta, inganekwane ethile yaseJalimane, isiko laseJalimane leKatolika, akuwona umoya owenza uKhisimusi. UMoya uKristu akhomba kuwo kwakunguMoya oNgcwele, okungewona umgubho, kepha ukukhonzwa kukaNkulunkulu ophilayo.

110 Kepha wathi, “Ukhipha uSanta Claus, akusekho moya kuKhisimusi.” Ubungamcabanga umfundisi esho lokho emoyeni na? Kodwa yilokho akusho, wathi, “Ukhipha uSanta Claus, futhi awusenawo umoya kaKhisimusi.” Awu, kungenzeka, usebenzisa igama elithi *imisa likaKristu*, ungahle ungabi nakho okuningi kwalokho.

111 Kepha wena khipha uSanta Claus empilweni yakho, uvule inhliziyo yakho bese uvumela uKristu angene, ufe kulezi zinto zomhlaba, ukuze ube noKhisimusi wangempela. Yebo.

112 Kwehluke kakhulu, lokho okwakuvamise ukuba yikho, kepha sekuguqukile. Hhayi—hhayi, uKristu akashintshile. Abafundi namuhla kungumehluko kakhulu kubafundi bakudala. Namuhla, abafundi baletha izikhulumi, noma abafuni, njalo, esikhundleni so. . . Abafundi basendulo

bangenisa umfuni eBukhloneni bukaNkulunkulu. Futhi namhlanje, abafundi banamuhla, babangenisa ebukhloneni benhlangano ethile yebandla, ukuhambisana okuthile, isivumokholo esithile, imfundiso ethile, esikhundleni sokubangenisa eBukhloneni bukaKristu.

<sup>113</sup> Sithatha igama elithi *Khisimuzi*. Kukancane kakhulu ukuthi uzwe kukhulunywa ngeGama likaKristu. AwuLizwa kukhulunywa ngalo. Izibani nobukhazikhazi konke kukuSanta Claus, hhayi kuKristu, kuze kubelukhuni kabantu ukwazi ukuthi uKhisimusi ungowani ngempela. Bavele nje bakwenza ubuhedeni futhi bakwenza ubuhedeni, kuze kuphendu ke konke ubuhedeni. Kulusuku olukhulu lokuhweba lwemigubho. Manje, uma befuna ukwenza usuku lokuhweba olufana nosuku lomama, noma usuku lobaba, noma usuku lwendodana, noma usuku lwendodakazi, lokho kulungile. Kepha gcina lokho kuhweba kuqhelile kuKhisimusi. Ngibone uphawu esikhathini esingese esedlule, kwathi, “Buyisela uKristu kuKhisimuzi.”

<sup>114</sup> Manje, bakuletha ebandleni, ufunda isivumokholo. Bakuletha kuKhisimusi, wena wenzani na? Ubona uSanta Claus. Bayakuletha ebandleni, wena ubona inhlangano.

<sup>115</sup> Kodwa uKristu wabaletsa esiphambanweni. Futhi lapho uthola umfundi wangempela ozokuhamba kuKristu, uKristu uzokuletha esiphambanweni, lapho ubethelwe khona kanye naYe. Futhi ukuPhila kwaKhe okuPhakade nempilo yakho kuhlangana ndawonye, nempilo yakho ife, bese uthatha ukuPhila kwaKhe okuPhakade, bese-ke uba yindodana kaNkulunkulu. Amen.

<sup>116</sup> Umehluko onjena pho, kumfundi wakudala nomfundi wanamuhla!

<sup>117</sup> Uma usho kumfundi, “Ngingathanda ukwazi iNkosi uJesu.”

<sup>118</sup> “Awu, manje bheka, singabebandla *elithize-thize*, yehla bese ujoyina lelo, sijoyine.” Niyabo? Noma, “Sasi... Singabehlangano yomphakathi *ethize-thize*, futhi woza ujoyine *leyo*.” Futhi yilokho okuzwayo.

<sup>119</sup> Kepha uKristu qobo lwaKhe wakhomba abantu ekufeni kwaKhe, wathi, “Uma inhlamvu kakolweni iwela emhlabathini, ihlala yodwa.”

<sup>120</sup> O, kwehluke kanjani! Yebo, mnumzane. Kwehluke kanjani! Kepha ukuphila kwakho nokuPhila kwaKhe kuyatholana, hhayi ebandleni, hhayi esakhiweni, hhayi esivumweni sokholo, hhayi emisebenzini emihle, kodwa esiphambanweni lapho ubethelwe khona kanye naYe. Yilapho uthola khona uKristu. AwuMtholi ngokwenza kangcono, ukuphenya ikhasi elisha. Ukuqala impilo entsha, awumtholi uKristu. Uthola uKristu ekufeni kuphela; hhayi emkhombeni, hhayi ekuvumeni. Ukukholelwa ezivumweni ezithile nasezinganekwaneni, awumtholi uKristu lapho.

<sup>121</sup> Inceku yeqiniso ikuthatha ikuyise kuYe, futhi Yena uyiZwi. Wena uthi, “Manje-ke, Mfowethu Branham, uma uKristu esemhlabeni namhlanje, inceku yangempela ingamyisa kuYe, uKristu.” Awu, uKristu ulapha, esimweni seZwi. NeZwi liletha ukuPhila, ngoba Yena uyiZwi. UKristu uyiZwi. Yebo, mnumzane. UyiZwi, qobo lwaKhe. Inceku yeqiniso ihlala ikuyisa eZwini.

<sup>122</sup> Manje, UyiZwi. Uyileli Bhayibheli elenziwe laphila. Futhi uma ufa kuwe uqobo, noKristu, njengenhlamvu kakolweni, khona-ke iZwi lihlala kuwe, liveza imiphumela efanayo njengoba Lenza kuLeyo nhlamvu ephilayo kakolweni okwakufanele iwele emhlabathini. Amen. Ningabahlanganyeli ekuvukeni kwaKhe. Ningabahlanganyeli naYe, kuzo zonke izibusiso zaKhe, kukho konke ukubonakaliswa kwaKhe. Ningabahlanganyeli naYe, kukho konke lokho Akwenza.

Manje, UyiZwi elinokuhushwa kwaLo kweqiniso.

<sup>123</sup> Manje wena uthi, “O, siyalikholwa iBhayibheli, mnumzane. Siyalikholwa iBhayibheli.”

<sup>124</sup> Kodwa manje, uma ukholwa yiBhayibheli, uJesu washo lokhu eBhayibhelini, uJohane oNgcwele 14:12, “Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza.” Lokho ukuhunyushwa kweqiniso kweBhayibheli, ngokuba uNkulunkulu uqobo lwaKhe ukuwe, ephendula ukuhumusha kwaKhe uqobo. Inkazimulo! Lokho kunguhunyushwa kweqiniso, uNkulunkulu ekuwe, ehumusha amaZwi aKhe uqobo. Amen. Akashongo yini uJesu ukuthi, “Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo”? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] UNkulunkulu ekuwe, enikeza ukuhumusha kwaKhe uqobo. Awudingi ukubheka komunye umuntu. Athi, “IZwi lisho *lokhu*.” Likholwe, futhi Lizozihumusha Lona uqobo, ngoba nguNkulunkulu esebenzisa wena ukuhumusha iZwi laKhe uqobo. Amen. UKristu ungukuhunyushwa okuphilayo kweZwi laKhe uqobo.

<sup>125</sup> Ake sibheke okunye, ukuthi Ulihumusha kanjani iZwi, manje, uma Enokuhunyushwa okuyikho.

<sup>126</sup> Manje sehlela lapha kumaMethodisti, bathi, “Sinokuhunyushwa okuyikho.” AmaBaptisti, athi, “Sinokuhunyushwa okuyikho.” IPresbyterian, “Sinokuhunyushwa okuyikho.” IChurch of Christ, ebizwa kanjalo, “Sinokuhunyushwa okuyikho.” Bonke bano “kuhunyushwa okuyikho”? Zonke zehlukile, enye kwenye. Manje-ke, kukhona okungahambi kahle ndawo ndawo.

<sup>127</sup> Manje, ukuphela kwendlela esingathola ngayo, ngukuthola indlela uJesu atshela ngayo amaJuda ukuthi alihumushe kanjani iZwi. Amen. Futhi uma uKristu asho njalo, lokho kuyakulungisa.

128 AmaMethodisti athi, “Ngendlela abafowethu abalimumsha ngayo, umkhandlu.” AmaBaptisti athi, “Indlela esilimumsha ngayo.” AmaPresbyterian athi, “Indlela esilimumsha ngayo.”

129 Kodwa yindlela uJesu alimumsha ngayo, kunjalo. Ake sibheke ukuthi Ulimusha kanjani iZwi. Wathi, “Uma Ngingenzi imisebenzi yeZwi likaBaba waMi, ningaNgikholwa.” Lokho kuyakuzazulula. Wakuhumusha kanjalo. Wathi, “Uma ungeke ungikholwe, kholwa yimisebenzi engiyenzile. Futhi uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, ningakukholwa, nhlobo.” Amen. Lokho kuyakuzazulula.

“Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza.”

130 Manje, kufanele kubekhona okuthize okulungile nokuthile okulungile. Noma, ngandlela-zonke, senzani na? Sidlala ngani na? Yini thina, sizulazula lapha, sizenza ngathi singamaKristu, futhi senza *lokhu, lokho, nokunye*, futhi sijoyine *lezi* zivumokholo, futhi sixhawulana *naloluhlobo* lwePentecost, noma *lokho*, noma iMethodisti, noma iPresbyterian, noma iBaptisti, noma iKatolika? Kumayelana nani na? Yini esiyenzayo, sidlala ukufihla irabha yokusula, ikati negundane na? Sikuphi na?

131 Khona-ke kunendlela eyodwa kuphela, isisekelo esisodwa kuphela. Yinye kuphela indlela eqinisekile, lokho ngukuhunyushwa uJesu akunika iZwi. Halleluya! Yilokho ukuhunyushwa okuyikho. Wathi, “Uma Ngingenzi imisebenzi uNkulunkulu athe Ngiyoyenza, khona-ke ningaNgikholwa.” Amen. Yilokho ukuhunyushwa.

132 Ukuhunyushwa namuhla ngukuthi, uJesu wathi, “Okholwa kiMi, imisebenzi efanayo engiyenzayo Mina naye uyakuyenza.” Futhi umBhalo waphinde wathi, “Unguye izolo, namuhla, naphakade.” UJesu wathi, “Yileyo ndlela yokwazi ukuthi noma ngabe ngivela kuNkulunkulu noma qha.” Ukwazi kanjalo-ke.

133 Bathi, “Manje, awume umzuzu. Sino-Abrahama, ongubaba wethu.” Wathi, “Obaba bethu badla imana ehlane.”

Futhi uJesu wathi, “Bonke bafile.”

“Siphuze amanzi edwaleni elishayiwe.”

“Futhi bonke bafile.”

134 Wathi, “Kodwa Ngiyileso Sinkwa sokuPhila esivela kuNkulunkulu, eZulwini.” “Futhi akusimina okhulumayo, nguBaba waMi ohlala kiMi. Ungumhumushi waleloZwi elinobuNkulunkulu. Futhi Uyafakazisa futhi ukuthi UnguNkulunkulu, ngoba Yena uNgenzela okuhle lokho Athi Uyokwenza.” Amen. Lowo ngumBhalo.

135 Lowo nguMlayezo wokuyiswa kubantu; hhayi umbhede wengane oyendezelayo, hhayi emkhombeni. UKhisimusi

akukhulunywa ngawo kuyo yonke iNcwadi yamaBhayibheli. Akukaze nakanye uJesu abhekisele ekuzalweni kwaKhe, kodwa ekufeni kwaKhe.

<sup>136</sup> Akukaze nakanye lapho uJesu ake athi, “Joyina ibandla.” Akukaze nakanye lapho Ake athi khona, “Yisho isivumokholo.”

<sup>137</sup> Kodwa Wathi, “Wozani kiMi.” Futhi Wathi, “Lowo ozayo, imisebenzi engiyenzayo iyomlandela njengoba kunjalo nakiMi.”

<sup>138</sup> “Ngokuba uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba, ningaNgikholwa. Ngoba, iZwi lathi, lapho uMesiya efika, lezizinto zaziyoqwenzeka. ‘Uzoba ngumprofethi.’ Yebo. ‘Uyoba ngumprofethi. Ubeyoba umboni njengoba uMose wayenjalo.’ ‘Izinyonga ziyogxuma njengendluzelekazi. Izimpumputhe ziyobona. Izithulu ziyozwa. Nezimungulu ziyokhuluma. Kwakuyoveza, kuYe, ukuthi Wayengazenza kanjani izibonakaliso zikaMesiya.’ Manje, uma izibonakaliso zikaMesiya zingayiqinisekisi inkonzo yaMi,” Wathi, “khona-ke ningaNgikholwa. Kodwa, nansi indlela ohumusha ngayo iZwi.” Wathi, “Uma Ngingenazo lezi zibonakaliso, khona-ke ningakukholwa. Kodwa uma Ngiveza izibonakaliso, futhi aniNgikholwa ukuthi ngihumusha iZwi, kholwani yizibonakaliso, ngokuba zikhuluma ngeZwi.” Lokho kungukuhunyushwa kwangempela kwaLo. Yilokho-ke. Lowo nguMlayezo.

<sup>139</sup> Awudingi ukuthatha izwi lamuntu. Awudingi ukuba ujoyine noma yiliphi ibandla. Ungeke wajoyina iBandla. Ungazijoyina lezi zinhlango. Kodwa iBandla likaNkulunkulu, uzalelwe kuLo, kusukela eKalvari.

<sup>140</sup> Yithi, “Makabongwe uNkulunkulu! Nami, futhi, Mfowethu Branham.” Bese kuthi-ke imisebenzi eyenziwa nguJesu, nani niyoyenza. Yilokho uJesu akusho. Niyabo? “Imisebenzi engiyenzayo Mina. . .” Ini na? Wathi, “Imisebenzi engiyenzayo Mina, ifakaza ngaMi.” Haleluya! “Imisebenzi engiyenzayo Mina, inikeza ukufakazi.” Aniboni na? Ngamanye amazwi, “Izibonakaliso zikaMesiya, aniboni ukuthi uMesiya wayezokwenzani na? Futhi anikholwa ukuthi nginencazelo eyiyo yeZwi, pho kungani uBaba waMi ekusekela na? Ucabanga ukuthi nginesihluku ezinhlango weni zenu,” Wathi, “uma nicabanga ukuthi ngi-ngiyisidamlilo kakhulu. Futhi wena uthi ‘Ngiwuhlanya,’ ngi ‘nodeveli,’ Ngilahlekelwe yingqondo yaMi.”

<sup>141</sup> Batshela uJesu ukuthi wayehlanya. *Ukuhlanya* kusho “ukusangana.” “Uyasangana. Wena awuyena owamaqembu ethu. Futhi Ulapha ngaphandle njengomuntu owuhlanya. Ulahlekelwe yingqondo yaKho.”

<sup>142</sup> Khona-ke uJesu wayengasho kubo, lokhu, “Khona-ke uma ningabakaNkulunkulu, ziphi izibonakaliso zikaNkulunkulu na? Uma nikholwa kuMose, ziphi izibonakaliso zikaMose ezikanye

nani na? Uma ubukholelwa kubaprofethi, siphil isibonakaliso sabaprofethi sikanye nawe na? Ngakho-ke uma ungakholwa ukuthi nginokuhunyushwa okuyikho, kholwani yizibonakaliso, ngoba Ziyafakaza ukuthi Ngiqinisile.” Haleluya! “Yizo ezifakaza ngaMi. Zinikeza irekhodi lokuthi ngabe Ngiqinisile noma qha. Konke uBaba aNgiphe khona kuzoLilandela futhi kuze kuLo. Futhi akekho umuntu oyokwazi ukuza ngaphandle uma uBaba embizile.” Kunjalo.

<sup>143</sup> Nokho, “Wayenze imisebenzi eminingi kakhulu,” kwasho iBhayibheli, “nokho babengaMkhohla, ngoba u-Isaya wathi, ‘Banezindlebe futhi abezwa; banamehlo futhi ababoni.’” Baphuphuthekile njengelulwane. Nokho, abakuboni, ngoba umprofethi wathi babengeke. Manje, kuseyinto efanayo namuhla njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi. Ya.

<sup>144</sup> Wathi, “Uma ungakwazi... Angenzi misebenzi. AkusiMi okwenzayo, okhuluma amaZwi. AkusiMi owenza imisebenzi, noma kunjalo. NguBaba waMi. Futhi uma wazi ukuthi uNkulunkulu wayeyini, uNkulunkulu wayenguMdali. UNkulunkulu nguYe owayephezu kukaMose, futhi uNkulunkulu kuMose wabikezela usuku lwaMi. UNkulunkulu wayeseTestamenteni eLidala,” Washo. Kangangokuthi uthi, “Lowo owayephezu kwabaprofethi, waktshela ukuthi, ‘Lowo Mprofethi omkhulu wayezofika ngolunye usuku, futhi kuYena abantwana babeyobuthwa.’ Uma ungeke ukholwe eNgikuhumushela iZwi kuwe, khona-ke kholwa isibonakaliso, ngokuba zikhuluma ngaMi.”

<sup>145</sup> O, abakwazanga ukukholwa. Bona, abakwazanga ukuLibona. WayenguNkulunkulu enyameni. Ngoba, Wayeyini na? WayeyiZwi elibonakalisiwe. Wayeyilokho uNkulunkulu ayekwethembisile.

<sup>146</sup> Lalela, Tabernakele likaBranham. Zibopheleni phansi, kulobu busuku obandulela uKhisimusi. Niyabo?

<sup>147</sup> Uma Wayengenjalo, khona-ke uNkulunkulu wayengeke aMqinisekise. Impela. Ngamanye amazwi, Wayengathi, “Yiliphi elamaqembu enu (abaFarisi, abaSadusi, noma bangahle babe yini), yimuphi kumadoda enu, yimuphi kumpristi wenu omkhulu, yimuphi wezifundiswa zenu, uNkulunkulu amsebenzisayo ukukhuluma iZwi ngaye futhi aLibonakalise, ukusho ukuthi Liqinisile na?”

<sup>148</sup> Awu, babengathi, “Amadoda ethu afundile. Sihlakaniphile. Siyalazi lelo Bhayibheli ezizukulwaneni ngezizukulwane.”

<sup>149</sup> “Awu, manje-ke, kungani uNkulunkulu angaLenzi liphinde liphile kulawo madoda, uma LiyiZwi likaNkulunkulu na?”

<sup>150</sup> Bukani. “Mina noBaba waMi siMunye,” hhayi abathathu. “Simunye.” UNkulunkulu ukuYe. UNkulunkulu ukhuluma ngaYe. Akaseyena owaKhe uqobo, kepha UyiPimbo likaNkulunkulu ngezindebe zomuntu. Haleluya!

<sup>151</sup> Futhi wonke okholwa kuYe, kulobubusuku, naye ungenwe, ungenwe kakhulu, unikeliwe ngokuphelele kakhulu, aze amazwi akhe abe njengamaZwi kaKristu. Uyakhuluma futhi iZwi lenziwa inyama. Uyakhuluma futhi iZwi liyabonakaliswa. “Imisebenzi Engiyenzayo nani niyoyenza. Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.”

<sup>152</sup> U-Isaya wathi, esahlukweni sa 42, sifunde nje ukuthi, “UkuKhanya Okukhulu sekufikile.” UkuKhanya! O, angifuni ukuphuma endabeni. Kodwa ukuKhanya okukhulu kunakho konke okwake kwakhanya kwakukhanya kulowo mNazarene othobekile, omncane: uMuntu ongenabuhle ukuthi siMfise; uMuntu ongafundile, ekhuluma ngokwasemhlabeni; Umuntu owayengazazi izinkambiso nezinto zalomhlaba. Kepha wayekwazi ukubopha amadimoni, avuse abafileyo, namademoni athuthumele.

<sup>153</sup> Futhi uNkulunkulu waMazisa eseZulwini, wase emphendula, “Lo yiNdodana yaMi ethandekayo.” Hhayi phambi kwezicebi ezibusayo, kepha ngaphambi kweqembu elikhethiwe Ayelibizile. UkuKhanya okukhulu!

<sup>154</sup> Ngani na? UkuKhanya okukhudlwana kwakukhanya kuvela eZwini laKhe. Laliyini iZwi na? UKristu. Wayeyini na? IZwi lenziwa laPhila. NeZwi lenziwa laPhila, lanikeza ukuKhanya okukhulu kunalapho Enza ngenkathi ethi, “Makube-khona ukukhanya,” kuGenesis 1. Lokho kwakungukukhanya kwendalo, indalo efayo, okumele iwe. Kodwa iZwi laKhe lalingukuPhila okuPhakade nokuKhanya okuPhakade. Futhi ngenkathi umuntu ekholwa yiLokho, wayenokuKhanya okuPhakade.

<sup>155</sup> “UkuKhanya kulabo abahlezi ezweni lamathunzi okufa,” uMathewu 4. “Letha ukuKhanya kwabeZizwe,” ababengenwe futhi balahlwa nguNkulunkulu, ezithombeni zabo. Kodwa Uza njengokuKhanya.

<sup>156</sup> Wathini na? “IZwi laKho lingukuKhanya endleleni yami yezinyawo, ukuKhanya ukukhanyisa indlela yezinyawo eya ezinyaweni zami—ezinyaweni zami, ukuba kungihole.”

<sup>157</sup> Futhi namhlanje, ukuKhanya kukaNkulunkulu yiZwi likaNkulunkulu libonakalisiwe, ukuKhanya kubonakalisiwe. UkuKhanya kuyimisebenzi kaNkulunkulu, ekhulunye yiZwi likaNkulunkulu, lalethwa ekuPhileni, futhi kungukuKhanya okukhulu kunalokho okwakukhona ekuqaleni kwendalo. Amen. UkuKhanya esibanini, endleleni yezinyawo. He! O Nkulunkulu! UkuKhanya, iZwi!

<sup>158</sup> Ebumnyameni njengoba sinjalo namhlanje, sigcwaliswe ngezivumokholo namahlelo, sigcwaliswe ngemizwa nokushisekela ngokweqile, izinhliziyi ezivulekile emalibeni anoma yiluphi uhlobo lomoya, okwakungaze kuphike ngisho leliZwi ekubeni liyiQiniso, futhi athi, “Izinsuku zezimangaliso

selwedlule. Ayikho into okuthiwa umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukukhuluma ngezilimi, abaprofethi, kanjalonjalo. Bafa, eminyakeni edlule.”

<sup>159</sup> Bese kuthi-ke ukubona uNkulunkulu, phakathi kobumnyama, ubumnyama besivumokholo, ubumnyama bamahlelo, athathe iZwi laKhe nesigejane sabantu abazoLikhola, futhi bakhanyise ukuKhanya kwaKhe nokuPhila kwaKhe. KungukuKhanya okuningi. KungukuKhanya okuPhakade, ngaphezu kwalokho okwakuyikho ekuqaleni kwendalo. “Makube khona ukukhanya; futhi kwaba khona ukukhanya.” Impela.

<sup>160</sup> Manje, uJesu akazange athi, manje, Uzobaletha eBetlehema. UJesu akazange athi kumaGrekhi, lapho bekhuphuka, “Manje, umzuzwana nje. Uma ufuna ukuLibona, Ngizokubuyisela eBetlehema lapho Ngazalelwa khona. Futhi Ngizokutshela ukuthi kwenzeka kanjani emuva lapho.” Kwakungekhona lokho.

<sup>161</sup> Wabakhomba endaweni ezayo, uma babefuna ukuMazi. “Uma ufuna ukwazi Mina,” ngamanye amazwi, “Ngeke Nginibuyisele emuva bese nginitshela ukuthi ngazalwa nini eBetlehema, nakho konke ngalokho. Ngizonikhomba endaweni lapho Ngizobethelwa khona ngenxa yenu. Futhi phakathi lapho, uma nizobethelwa kanye naMi, futhi nithathe isiphambano senu niNgilande, nizokwazi ukuthi Ngingubani. Ngaphandle kwalokho, kusukela lapho, awusoze wakufunda ngobuciko bakho basendulo. Awusoze.”

<sup>162</sup> “Awu,” wena uthi, “Mfowethu Branham, kodwa siyaKufunda ngobuciko beBhayibheli.” Qhabo. Asikwenzi. Uma sikufunda ngobuciko beBhayibheli, pho kungani abaFarisi babengenaKho na? Alifundwa ngobuciko beBhayibheli, ngoba kunezingweti eziningi kakhulu zizama ukukupenda. Kodwa iBhayibheli liqinisile, kepha uNkulunkulu uyiNgeweti.

<sup>163</sup> Izivumokholo namuhla zithi, “Joyina *lokhu*. Isho *leli* hubo lokubonga. Phinda isiVumokholo sabaPhostoli. Joyina ibandla lethu. Xhawula. Bhaphathizwa, igama lika ‘Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele.’” Lezo yizivumokholo zehlelo. Kunjalo. INgaweti ayisidwebanga isithombe ngaleyo ndlela.

<sup>164</sup> INgaweti yasadweba, ukuthi, “UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade. Ozwa amazwi aMi futhi akholwe yiLowo oNgithumileyo unokuPhila okuPhakade. Imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza. Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Yileyo ndlela uMdwebi asidwebe ngayo. Ngakho-ke lapho uNkulunkulu ebonisa lokho, uyazi ukuthi ushaye umdwebo ofanele. Ngaphandle kwalokho, unekhophi mbumbulu. Amen. Thatha leyo khophi mbumbulu endala, yohlobo oluthile lwesivumokholo, bese ulahla into ngaphandle komnyango, kulobubusuku. Futhi



thatha ukuKhanya kweVangeli kweBhayibheli, bese uvumela uMdwebi adwebe uKristu kuwe. Amen. Yileyondlela-ke. Yilokho-ke.

165 Qhabo, Akazange abayise emkhombeni. Akazange abayise kuKhisimusi.

166 U-Isaya wathi, “IGama laKhe liyobizwa...” Esahlukweni esifanayo, wathi, “IGama laKhe liyakuba...” Qhabo, isahluko sama 55 sika-Isaya. Wathi, “IGama laKhe lizobizwa ngoMangalisayo, uMluleki, iNkosana yokuThula, uNkulunkulu onamandla, uYise ongunaphakade.” Amen.

167 Ngifisa sengathi benginesikhathi. Bengifanele. Ngingathanda ukuthatha indikimba ngamunye wabo: “UMluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla, uYise ongunaphakade, noMangalisayo.”

168 Masishaye nje umcabango wokuthi oMangalisayo, okomzuzu, oMangalisayo. O, u-Isaya wathi WayengoMangalisayo. Ake sicabange ngezinye zezinto Azisho, ezaMenza waba ngoMangalisayo. Yini eyaMenza waba ngoMangalisayo na? Ngenkathi Esho lokho, “Mina noBaba waMi siMunye,” oMangalisayo.

169 Ngitshele ukuthi yimuphi umFarisi owayengasho lokho. Ngitshele ukuthi yimuphi umpristi omkhulu owayengasho lokho, noNkulunkulu ekwesekela. Niyabo?

170 Wathi, “Uma Ngingenzi imisebenzi manje, ungakholwa noma yini engiyishoyo. Kodwa uma Ngishumayela lokhu, khona-ke kukhombisa ukuthi uNkulunkulu uNgithume ukuthi ngikwenze.”

171 Washo manje, futhi Wathi, “Mina noBaba waMi siMunye.” Hhayi, “Mina noBaba waMi sibathathu.” UJesu wathi. Manje, isivumokholo sithi, “Mina noBaba waMi sibathathu.” Kodwa iBhayibheli lasho, noJesu wathi, “Mina noBaba waMi siMunye.” Lowo ungoMangalisayo. Bheka ukuthi kanjani uNkulunkulu, “wenziwa inyama”? Haleluya! Hhayi omunye umuntu wesibili, noma wesithathu, noma wesine; kodwa uNkulunkulu qobo lwaKhe. UJesu washo njalo. Phikisana naYe, hhayi mina. Ngisho nje lokho Akusho. “Mina noBaba wami siMunye. AkuMina owenza imisebenzi. NguBaba waMi. Uhlala kiMi. Uma ningaNgikhoholwa; kholwani iZwi, ngoba UyiZwi. Futhi iZwi lenziwa inyama, futhi Ngiiyiyo. Ekuqaleni wayekhona uLizwi.”

172 Umbhali ofanayo weVangeli, uJohane, wathi, “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu.”

173 Lokho kumenza Yena noNkulunkulu abe nguMuntu ofanayo; uma uNkulunkulu eyiZwi, naYe uyiZwi. “Mina noBaba

waMi siMunye,” khona-ke. O, lowo ngoMangalisayo! Yebo, mnumzane.

<sup>174</sup> Izinto eziningi kakhulu ebesingazisho ngalokho, oMangalisayo, izinto Azishoyo!

<sup>175</sup> Enye into Ayisho, “NgingukuKhanya kwezwe.” Ngitshele umpristi obengasho lokho. Ngitshele ihlelo ebelingasho lokho. Ngitshele isivumokholo esingasho lokho. Lowo ngoMangalisayo.

<sup>176</sup> “NgiyiQiniso.” O, he! Izivumokholo zethu zingamamayela ayisigidi ukusuka eQinisweni. Isivumokholo asikwazi ukwenza uNkulunkulu abonakale. Isivumokholo asikwazi.

<sup>177</sup> Njengoba u-Eliya asho, phezu kweNtaba iKarmeli, “Uma uNkulunkulu enguNkulunkulu, Makaphendule.” Isivumokholo ngeke sikwenze. Qhabo, mnumzane.

<sup>178</sup> Kodwa uNkulunkulu uzokwenza. Ungubani uNkulunkulu na? IZwi, iZwi libonakalisiwe. Uzokwenza.

<sup>179</sup> “NgingukuKhanya kwezwe. NgiyiQiniso elisezweni. NgiyiNdlela.” Ayikho enye indlela ngaphandle kwaKhe. Yilokho kuphela. Ungadluli esivumweni sokholo. “Woza kiMi.” Niyabo? “NgiyiNdlela, ukuKhanya, neQiniso.” Konke lokho, Wayeyikho. Lawo ngamazwi amangalisayo Awasho. “NgiyiNdlela. NgiyiQiniso. NgingukuKhanya. Ngi-NgingowokuQala; NgingowokuGcina. NgiyisiQalo; NgiyisiPhelo. NginguYe owayekhona, okhona, nozayo. Ngiyimpande neNzalo kaDavide. NgiyiNkanyezi yokusa. Ngingu-Alpha kuya ku-Omega. Ngiyikho Konke. Mina noBaba waMi siMunye. Uhlala kiMi. NgiNguye. Yena uyiMi.”

Bathi, “Wena, nguMuntu, uzenza uNkulunkulu na?”

<sup>180</sup> O, njengoba Asho kubaFarisi ngesinye isikhathi, “Nenza iphutha, ningalazi iZwi likaNkulunkulu, kanjalo namandla kaNkulunkulu. Nenza iphutha ngokungakwazi.” Impela. Amagama amangalisayo! oMangalisayo!

Ake sicabange ngemisebenzi emangalisayo, ngesinye isikhathi. Yena wenzani na?

<sup>181</sup> WayenguBani na? U-Isaya wathi uyoba ngoMangalisayo. Ngenkathi eMbiza ngawo wonke amagama ayengawazi, “Umluleki, iNkosana yokuThula, uNkulunkulu onamandla, uYise ongunaphakade,” konke lokhu, wathi, “UngoMangalisayo nje.” AmaGama amangalisayo!

<sup>182</sup> Manje sizokhuluma ngemisebenzi emangalisayo, okomzuzu. Yimiphi imisebenzi Ayenza eyayimangalisa na?

<sup>183</sup> Ngolunye usuku kwakukhona udwende lomngcwabo olwaluza eNayini—Nayini. Umfelokazi, nendodana yakhe okuwukuphela kwayo, ifile, ilele ohlakeni, igongobele, isidumbu, yagqunyiswa, yehliselwa ethuneni ukuba

ingcwatshwe. Wayehambe indlela yonke esuka eNazaretha. Izinyawo zaKhe, zibuhlungu, zinothuli, zikhathele, zikhandlekile. Wezwa lokho kukhala. Wabheka. Kuza ezansi nomgwaqo, nakho kuza umfelokazi omncane, elila. Umfana wakhe, indodana yakhe okuwukuphela kwayo, wayelele kulolo hlaka, efile.

<sup>184</sup> Kwasebenza, lapho, ukuthi wedlula lapho uJesu ayekhona. Ukufa nokuPhila akukwazi ukuhlangana, niyazi; okukodwa kufanele kuhambe. Wathi, “Misa uhlaka.” Wahamba ngaleya wase ethinta umfana. Futhi ukuphila o—okwakukumfana, okwase kuhambile mhlawumbe izinsuku ezimbili, kwabuyela emuva. Ngiyabona nje ukuthi indwangu iqala ukunyakaza, ngibona abantu beqala ukubuka. Futhi indoda eyayifile, yasukuma yema ngezinyawo zayo, yahamba yase igaxa umama wayo, mhlawumbe. Leyo yimisebenzi kaNkulunkulu. OMangalisayo! Kwakungesikho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Impela kwakuyikho.

<sup>185</sup> Ngiyabona uJayiru, umpri omncane, ubeyindoda ehle. Wayemkholwa uJesu, kodwa kwakumele akugcine kuthule, ngenxa yabambisane nabo.

<sup>186</sup> Amakholwa amaningi kakhulu ayimfihlo namuhla kanjalo, ayesaba ukuthi angaxoshwa ebandleni lawo. Niyabo? Amagwala, uNkulunkulu akanakukusebenzisa lokho. UNkulunkulu ufuna umuntu ongema lapho. Uma kuthatha ukufa, kubeke uphawu. “Ungesabi lowo obhubhisa umzimba, kepha Lowo obhubhisa umzimba futhi othumela umphefumulo esihogweni.”

<sup>187</sup> UJayiru. NgiMbona eya ekhaya lalo—lalomfundisi. Wangena lapho omncane, umntwana okuwukuphela kwakhe, oneminyaka eyishumi nambili ubudala, intombazanyana ilele igongobele, ifile, ilaliswe kusofa. Owakhe omncane, umzimba onganakuphila wawulele lapho. Ezakhe ezincane, izandla eziphaphathekile. Izinzipho zakhe zase ziphenduke zaba mhlophe. Izindebe zakhe zase zehlile. Umkhuhlane wawuyibulele, noma okuthize. Amehlo ayo amancane ayethule futhi evaliwe, futhi kukhona okuthile okwakubekwe phezu kwawo, mhlawumbe. Izinwele zayo ezincane zase zikanyiwe. Kwakuyizimbali nezinto ezazibekwe ngakuyo. Futhi umama nobaba, bememeza. Omakhelwane, ememeza. Umntwana wakhe okuwukuphela kwakhe wayengasekho.

<sup>188</sup> NgiMbona engena kulelo gumbi. Amen. Futhi Waqalaza. Wababona bonke. Futhi baqala ukuMhleka. Wabakhipha ekamelweni. Lowo ngoMangalisayo. Niyabo? INdoda eyodwa ingalawula isixuku sonke. Kungani bengashongo lutho na? Babesaba ukusho okuthile.

<sup>189</sup> Abalilahli ngani iZwi namuhla na? Bayesaba ukukusho. Yilokho kuphela.

<sup>190</sup> Wangena kulelo gumbi, wathatha leso esincane, isandla esibandayo, futhi wakhuluma ngolwimi olungaziwa, ngaleya ndawo ndawo. Futhi umoya walowo mntwana wabuya, futhi waphila futhi. Imisebenzi emangalisayo! Yebo, kwakuyiyo. Kwakuyimisebenzi emangalisayo, eyafakazela ukuthi WayengoMangalisayo.

<sup>191</sup> Ngingahle ngisho futhi ngoLazaru, lapho base bevele bewugqumisile umzimba wakhe, izinsuku ezine ngaphambili, bamfaka unqimba ngemuva koqimba lweziningo phezu kwakhe, futhi bazongolozela ngendwangu nale nsizwa. Futhi yayilaphoke, ilele ethuneni, futhi isibolile. Ikhala layo lase livele liwela ngaphakathi. Izindebe zakhe zawela ebusweni zayo. Izibungu zesikhumba zase ziqale ukumudla zamqeda. Nomphefumulo wakhe wawuluhambo lwezinsuku ezine, uphandle ndawo ndawo.

<sup>192</sup> NgiyaMbona, awaKhe amancane, amahlombe aqhothile. O, he! Umhlaba ubuyothi, “Buka lokho. Buka lowo Muntu. Mbhekeni. Futhi wena waMbiza, uNkulunkulu. Nango-ke Yena, ehlela ethuneni, ekhala izinyembezi zofayo.” IBhayibheli lathi Wakhala. Izinyembezi zehla esihlathini saKhe, ehosha amafinyila, lapho Eya ethuneni. WayenguMuntu ngaleyonkathi.

Kodwa ngiMbona ethi, “Ginqa ubuyisele itshe emuva.” Amen. Amen.

<sup>193</sup> Washintsha isigcawu. ULazaru, okwase kuphele izinsuku ezine efile, wema ngezinyawo waphinda waphila futhi. Sengiyasibona isinongo siqala ukukhamekela ezingubweni zokulala ababemsonge ngazo. Ini? Ukuphila kwasekungenile futhi. Iphunga lase lihambile. Inyama entsha yayisifikile. Umoya, owawuyizinsuku ezine kwenye indawo, wabuyela emzimbeni wakhe, futhi indoda yema ngezinyawo zayo. Ukhuluma ngokuba ngoMangalisayo, uMluleki, iNkosana yokuThula, uNkulunkulu onamandla, nakho kapho Ayekhona. Impela, Wayekhona. Kulungile.

<sup>194</sup> Sithola owesifazane emthonjeni, ngenkathi Emile futhi wakhuluma naye imizuzu embalwa, futhi wamtshela ukuthi wayenamadoda amahlanu ngaleso sikhathi. Wathi, “Mnumzane, Ufanele ube ngumprofethi. Siyazi, lapho uMesiya efika, lokho kuzoba yisibonakaliso saKhe.”

<sup>195</sup> Wathi, “NginguYe okhuluma kuwe.” OMangalisayo! Kwakungenjalo yini? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] OMangalisayo!

<sup>196</sup> Ngobunye ubusuku ulwandle lwaluduma. Wayelele, ngenxa yokukhathala, njengomuntu nje. Wayelele, ngenxa yokukhathala. Odeveli babefungile ukuthi babezoMminzisa ngalobobusuku. Futhi babecabanga ukuthi sebethi abaMthole nje, ngenkathi oseiyili sebedabukele phansi, izigwedlo zaphuka,

isikebhe sasinamanzi futhi sigcwala. Babuyela emuva, abafundi bakwenza, bathi, “Wena awunandaba nokuthi siyabhubha na?”

<sup>197</sup> Futhi Wavuka, futhi wesula ubuthongo emehlweni aKhe. Wathi, “O, nina bokukholwa okuncane, seNgihlale nani isikhathi esingakanani na?”

<sup>198</sup> “Uzokwenzenjani manje na? Uzokwenzani lapha olwandle olugubhayo ngenkathi leli, iGalile elikhulu, lizothi ngqu kwiphansi kuwo wonke amagagasi na? Uzokwenzajani, lapho udeveli ehlezi ngaleya kwaleyontaba ngaleya, ehlebelawo magagasi ezansi kanjalo, ephonsa lokho na?” Ekhathele, uyazi. Uyazi, Yena ezansi lapho. “Kuhlakaza amanzi, abe ngamafidi angamashumi amathathu noma amashumi amane ukuphakama. Wena uzokwenzajani na?”

<sup>199</sup> Wathi, “SeNgibe nani isikhathi esingakanani na?” Wabeka unyawo lwaKhe entanjeni yesikebhe wayesethi, “Thula, uthi du.” Nemimoya yathula du. Ngamanye amagama, Wathi, “Moya, vala umlomo wakho. Magagasi, buyela phansi lapho ungowakhona.” Kwakungekho ngisho amagagasi amancane emanzini. Wama lapho wase eqalaza.

<sup>200</sup> Wahamba wabuyela emuva, nesigejane esethukile sabaphostoli simi lapho. Waphinde walala phansi, futhi waqhubeka nokulala kwaKhe.

<sup>201</sup> Bathi, “NguMuntu onjani lona na?” OMangalisayo! Amen. OMangalisayo! Awukholwa ukuthi WayengoMangalisayo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Impela. WayengoMangalisayo. Yebo, mnumzane.

<sup>202</sup> Ngenkathi, lowoMuntu qobo lwaKhe washiya amaZulu, ngenkathi lonke uhlelo lwelanga kwakungumqhele waKhe, zonke izinkanyezi eziyizigidigidi ezazilenga emhlabeni, zonke izinkanyezi. Lezo zigidi zamamayela ngaleya, lapho bebuka kuleyo ngilazi, ngaleya eNtabeni iPalomar, futhi babengakwazi ukubona iminyaka eyizigidi eziyikhulu namashumi amabili yesikhala sokukhanya, nazo zonke lezo zigidigidi nezigidigidikazi zezinkanyezi zazisemqhelani waKhe. Futhi Wabashiya, ukuze athathe umqhele wameva. Ubani owayezokwenza na? OMangalisayo! O, he!

<sup>203</sup> OkuPhakade kwakuyingubo yaKhe. Wembathiswa ngokuPhila okuPhakade. Akazange abe nesiqalo. Akazange aqale eBetlehem, niyazi, njengoba abantu bezama ukucabanga ukuthi Wenza. Wayengenasiqalo. Amen. Embathiswe ingubo ngokuPhila okuPhakade, futhi baKufuqela eceleni, ukuthatha ingubo endala yokufa engcolile, yakho nami. OMangalisayo! E-hhe. Ya.

<sup>204</sup> IZulu laliyisigodlo saKhe. Wonke amaZulu ayengawaKhe. Leso kwakuyisigodlo saKhe. Akukho okwakungake kukhanye ngaYe. Futhi Weza emhlabeni. Futhi waze washo ngisho ukuthi, “Izimpungushe zinemigodi, nezinyoni zinezidleke,

kepha aNginayo ngisho nendawo yokucamelisa ikhanda yaMi.” Lowo ngoMangalisayo. Awucabangi kanjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

<sup>205</sup> Bangani, umongo omningi engiwubhale lapha. Kodwa mina mhlawumbe anginaso isikhathi sokukuthola. Ngizoshesha ngiphuthume.

<sup>206</sup> Lowo nguJesu okumele umbone. Hhayi uJesu wehlelo abakhuluma ngaye; hhayi uJesu wezivumokholo; hhayi uJesu wohlobo oluthile lukaKhisimusi oyinganekwane; hhayi uJesu kanogwaja othile wePhasika; kodwa uJesu waseKalvari, uJesu Owabeka eceleni konke, Lowo abaprofethi ababekhulume ngaye.

<sup>207</sup> Singaqhubeka lapha, “Baba oMangalisayo, oMangalisayo, uBaba oMangalisayo, uMeluleki oMangalisayo, iNkosana yokuthula eMangalisayo, uNkulunkulu onamandla oMangalisayo.” Silokhu siqhubeka nje sihamba, sihamba, sihamba. Niyabo? Kodwa ukubeka eceleni, sisho lokhu, “Sifanele sibone, uma u. . . Lowo nguJesu esifanele simbone, ukuze sibe nokuPhila kwaKhe okuPhakade.”

<sup>208</sup> Angeke ukuthole esivumweni sokholo. Ungeke ukuthole ngokujoyina ibandla. Awukwazi ukukuthola ngohlobo oluthile lwenganekwane otshelwa ngayo, uSanta Claus. USanta Claus akanakho ukuPhila okuPhakade. Qhabo. Isivumokholo asinakho ukuPhila okuPhakade.

<sup>209</sup> Ukungalazi iZwi laKhe, ngisho kukunikeza; ukuKwazi, aKukuniki ukuPhila okuPhakade. “UkuMazi,” kwasho iBhayibheli, “ukuMazi, kungukuPhila okuPhakade.” Hhayi ukwazi Zwi laKhe. Wazi Yena!

<sup>210</sup> AmaGrekhi ayefuna ukuMbona. Ayefuna ukwazi ubuntu baKhe. “Banumzane, sithanda ukubona uJesu.”

<sup>211</sup> Manje, awubuki ngamehlo akho. Ubuka ngenhliziyo yakho. Niyabo? Ubuka ngamehlo akho. Uqonda ngenhliziyo yakho. Ukubuka nguku “qonda.” Ubuka ngqo entweni ethile, uthi, “Angiyiboni.” Kepha, uyayibuka. Kepha, usho ukuthi, awuku “qondi” khona.

<sup>212</sup> AmaGrekhi ayefuna ukwazi uJesu, futhi Wawanika indlela yokuMazi. UkuMazi! Hhayi ukwazi isivumokholo saKhe, hhayi ukwazi iZwi laKhe, hhayi ukwazi izimangaliso zaKhe, kodwa ukwazi Yena! Futhi ukuphela kwendlela othola ngayo lokho, isesiphambanweni, hhayi embhedeni wengane oyendezelayo. Qhabo. Yisiphambano engisibonayo. Wabakhomba esiphambanweni, hhayi e. . . Hhayi kwesinye isivumokholo, noma—noma hhayi emkhombeni othile, noma uhlobo lwamahlelo, kepha esiphambanweni.

<sup>213</sup> Futhi manje kuyafana namhlanje, umfundi wangempela, futhi uma uke weza kuJesu. Akasoze athi, “UJesu wangitshela

ukuthi ngihambe ngijoyine ibandla eliwukuthi-nokuthi.” Akazange akwenze lokho. Ubengeke akwenze namhlanje. Qhabo.

<sup>214</sup> Wena ufuna ukuMbona, Uzokukhomba esiphambanweni. Yiya lapho futhi ufe, futhi khona-ke uzoMazi, uma ufuna ukuMazi.

<sup>215</sup> Akukho nakanye lapho Akhomba noma yimuphi umuntu kunoma yisiphi isivumokholo, noma yiliphi ihlelo, noma ekuzalweni kwaKhe, noma ngisho nakuKhisimusi. Akukho nakanye lapho Ake wakwenza. Ngingalibala kulokho isikhashana, kodwa ngeke-ngeke ngikwenze. Nokho, uma kungabalulekile, uma uJesu... Akukho lapho ungakuthola khona eBhayibhelini, lapho Ake akhomba noma ngubani kwenye indawo, ukuMazi, ngaphandle kwesiphambano. Kunjalo. Futhi lokho kungukuzibethela ngokwakho. “Uma umuntu engazalwa ngokusha.” Bese kuthi-ke, uma emkhombeni, uSanta Claus...

<sup>216</sup> UJesu akazange asibhale isivumokholo. Akazange neze amise ihlelo. Futhi-ke kungani senza okuningi kakhulu ngakho, futhi size sibeke ngisho sonke isibopho kukho na? Ngifuna ukukubuza lokho; uKhisimusi, manje. Kungani-ke ukuthi amabandla ethu abeka okuningi kakhulu kukho, ukuthi, “Ufanele ube ngowaleli bandla. Ufanele usho *lesi* sivumokholo. Ufanele wenze *lokhu, lokho*, noma *okunye*”? Kungani sibeka okuningi kakhulu kukho, uma kungabalulekile na? Kukhombisa ukuthi sinohlobo olwehlukile lwabafundi kunesasivamise ukuba nabo. Bafuna ukukuletha ebandleni labo, ehlelweni labo, noma esivumwenikholo sabo, futhi hhayi kuKristu.

<sup>217</sup> Abantu namhlanje, uma bebuzwa, “Ngabe uyikholwa na?” Ngiye ngabuza lokhu, isikhathi esiningi. “Ngabe uyikholwa na?”

<sup>218</sup> Bathi, “O, ngiyiBaptisti. NgiyiMethodisti.” Awu, lokho kukhombisa ukuthi awusilo ikholwa khona-ke. Niyabo? Kunjalo. “IBaptisti, Pres-...” Kodwa uthi, “NgiyiPentecostal.” Lokho akuhlangene ngalutho nakho. Qhabo, mnumzane. Ikholwa yisidalwa esisha. Kepha kulapho asebefinyelele khona, namuhla. Niyabo? Kungani bekwenza lokho na? Yini eyenza abantu basho lokho na?

<sup>219</sup> Ngobunye ubusuku, ngangisesibhedlela. Ngangizoba nomkhuleko ngowesifazane omncane obegula. Waphulukiswa. Futhi ngathi... Kwakunendoda nomama wayo behlezi lapho. Ngicabanga ukuthi kwakungumama wayo. Futhi wayebukeka njengonina. Futhi ngangikhuluma nenenekazi. Ngathi, “Sizoba nomkhuleko manje.”

Ngase ngiphenduka, “Awunankinga uma sikhuleka na?”

Lathi, “Donsa lelo khethini.”

Ngathi, “Awu, ngibuze nje ukuthi awunankinga yini uma sikhuleka.”

Lathi, “SingamaMethodisti. Donsa lelo khetheni.”

<sup>220</sup> Ngathi, “Manje-ke lokhu kuzokwethusela ukufa. Kungcono ngidonse ikhethini-ke, uyabo.” Ngathi, “Uma nje uyiMethodisti, awuyena umKristu. Ngakho-ke ngizovele ngi. . .” Ya.

<sup>221</sup> Kungani besho lokho na? Omunye umfundi wamanga wavele wabayisa kude kangako. Yilokho kuphela abakwaziyo, omunye umfundi ofundiswe okungalungile. Abafundi bakaJesu babayisa kuJesu. Umfundi weMethodisti ubayisa kwiMethodisti. IBaptisti ibayisa kumaBaptisti. NePentecostal ibayisa kumaPentecostal. Kepha umfundi kaKristu ubayisa kuKristu, noKristu ubayisa eKalvari. Leyo yinto yangempela. Yebo, mnumzane. Yebo, mnumzane.

<sup>222</sup> Baletha kude kangako. Balethwe kuphela kude kangako. Niyabo? Uma bona—bona bethi, awu, “IBaptisti, noma iMethodisti, noma iPresbyterian, noma *yini*,” yilokho kuphela ubude abalethwe khona, “iKatolika,” noma ngabe kuyini. Yilokho kuphela ubude abalethwe khona, ngakho-ke yilokho kuphela abakwaziyo.

<sup>223</sup> Kepha, ngibonga uNkulunkulu, laba bafundi babemazi uJesu. Ngakho-ke bamusa e. . . Bathatha lamaGrecki bawayisa lapho babazi ukuthi kwakuyiQiniso. Futhi umfundi wangempela kaKristu, oke wathola uKristu, uthatha u—umfundi aqonde ngqo kuJesu. Futhi uJesu ubakhomba eKalvari, lapho bafa khona kanye naYe futhi bazalwe ngokusha, kabusha. O, he! Bakude nje kangako-ke.

<sup>224</sup> Kodwa, “Banumzane, sithanda ukubona uJesu.” Lowo kwakuwumbuzo. “Besingeke sibone isivumokholo. Besingeke sibone amaMethodisti. Besingeke sibone iBaptisti. Ngeke sibone noma yikuphi kwalokhu. Sifuna ukubona uJesu.” Kodwa yini indaba na?

<sup>225</sup> Ngifanele nje ngivale, bazalwane bami. Lalelisani manje, ukuphawula okumbalwa nje lapha ngaphambi kokuba sivale. Ini? Ngifuna ukwenza lokhu kushayelwe ekhaya manje, uma ngingakwazi, ngicindezele into phansi.

<sup>226</sup> AmaGrecki ayefuna ukubona uJesu. Akazange aMthole kuKhisimusi. Akazange aMthole enhlanganweni ethile. Akazange aMthole kwesinye isivumokholo. Akazange abakhombe kokunjalo. Ngabe ukuthole kahle lokho na? Kepha Wabakhomba esiphambanweni, ukuba bafe, bafe. Umfundi wangempela uthi, “Uzofanele ufe.” Ngazi kanjani lapho sengifile na? Uma uqonda lonke leliZwi ukuthi liyiQiniso, khona-ke iZwi liqala ukuhlala kuwe.

<sup>227</sup> “Awu,” wena uthi, “kodwa ibandla lethu lifundisa. . .” Angikhathali ukuthi ibandla lakho lifundisani. Yilokho



okushiwo yiBhayibheli. Lapho uya khona, elinye ibandla lifundisa okuthile okwehlukile. Kepha leliBhayibheli lifundisa okufanayo.

<sup>228</sup> Futhi uJesu wathi, “Noma nini lapho wamukela leliZwi, leliZwi liyobonakaliswa kuwe. Lizokwenza into efanayo eLithi Liyoyenza kuwe.”

“O,” bathi, “izinsuku zezimangaliso selwedlule.”

<sup>229</sup> NeBhayibheli lathi, “uJesu, onguye izolo naphakade.” Uzokwenza kanjani lokho kuhlangane lapho uJesu wathi, “Okholwa yiMi,” noma kuphi, noma yisiphi isikhathi na?

<sup>230</sup> UMarku 16 wathi, “Hambani niye ezweni lonke nishumayeke iVangeli kukho konke okudaliweyo.” Isikhathi eside kangakanani na? “Ezweni lonke.” Akukaze kufike ngisho nalapho nokho, “Konke okudaliweyo.” “Okholwayo futhi abhaphathizwe uyakusindiswa. Ongakholwa uyakulahlwa. Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Nakho lapho okhona. IZwi liyokwenziwa ukuKhanya. LiZozikhanyisa ngaphambili.

<sup>231</sup> Hhayi uma uya embhedeni wengane oyendezelayo bese uthi, “Ingane encane yazalelwa lapha, eminyakeni emide eyadlula.” Umbhedo. Zonke izinhlobo zezivumokholo nezinganekwane ezaxoxwa ngakho. Siyazi ukuthi uJesu wayazi ukuthi yonke leyonto iyobhubha, kuhlangane konke.

Kodwa kuneNto eyodwa engaxubene, lowo nguMoya oNgewele.

<sup>232</sup> “O,” omunye wabo uthi, “Wazalelwa khona *lapha*. Sakhe ibandla phezu kwakho.” Omunye wathi, “Uzalelwe *ngapha*.”

<sup>233</sup> Njengokuthi, uyazi ukuthi zingaki izipikili abazithola, kungakufakazisa, izipikili zasekuqaleni zazisesiphambanweni na? Ishumi nesishiyagalolunye. Umuntu ngamunye ebambe isipikili. “Lokhu, *sikutholile*. Halleluya, *sikutholile*.”

Basanda kuthola nje amathambo afile athile okuthile. “*Siwatholile*. *Siwatholile*.”

<sup>234</sup> “*Lena* yindawo Azalelwa kuyo.” Omunye athi, “*Lena* yindawo Azalelwa kuyo.” Lona uthi, “*Lena* yindawo Azalelwa kuyo.” Kwenza mehluko muni na?

<sup>235</sup> *Lapha* Yilapho Azalelwa khona, enhliziyweni. Ya. Lapho ngifa, Wazalelwa phakathi *lapha*. Ngazalwa ngokusha, kuYe, kabusha. Yilokho kuphela.

“Banumzane, sithanda ukubona uJesu.” Kulungile.

<sup>236</sup> Awu, yini inkinga na? Uselahlekile futhi. Abantu balahlekelwe nguYe. Kunjalo. Kodwa Ulahlekile futhi, ezixukwini ezinkulu, izixuku zezivumokholo. Niyakhumbula ngesinye isikhathi Walahleka, kubazali baKhe na? Ulahlekile futhi. Walahleka.

237 Yehla ngalemigwaqo, sengathi bekusezinsuku ezimbalwa ezedlule, bheka izixuku ezihlanyayo, zidudula futhi zishovashova, futhi ziphuza, futhi zithuka, futhi zilahla. “Izinsimbi ezikhencezayo, izinsimbi ezikhencezayo.” UKristu ulahlekile. Yena akalahlekile. Abantu balahlekelwe nguYe.

238 BaMtholaphi na? Lapho balahlekelwa nguYe khona. Yilapho esizoMthola khona.

239 Kodwa Ulahlekile, ezivumwenikholo zabo nasezixukwini zabo. Ulahlekile. UKristu ulahlekile, esixukwini sezohwebo. Isixuku sezohwebo sithi, “Sizofanele sigubhe uKhisimusi.”

240 Inenekazi lasho ngoluny’usuku, limi lapho, ngenkathi unkosikazi nami sasimi lapho. Lathi, “Ngithengele ubaba wami ikota kagologo.”

241 Elinye lathi, “Awu, ngizothola...Ngizokutshela ukuthi ngizomtholelani ubabayi. Ngizomtholela amanye amakhadi namanye amashiphi. Sizodlala umdlalo wokubanqunu, niyabona, sigubha uKhisimusi.”

242 Abanye bathi, “Ngisanda kutholela umama ibhokisi likasikilidi. Umtholele ini na?” Hhe! Hhe!

243 O Nkulunkulu! Ulahlekile. Balahlekelwe nguYe, ngoKhisimusi. Balahlekelwa nguYe, ngePhasika. Unogwaja, noma isigqoko esisha; hhayi ukuvuka, hhayi ukuzalwa kukaKristu.

244 BaMlahla, ezivumweni zabo, ngenkathi benza onkulunkulu abathathu kuYe, baMqoba waba izicucu futhi benza izithombe, esikhundleni sokwazi ukuthi Ungubani. “Mina noBaba waMi siMunye.” Wena ulahlekelwe nguYe.

245 Ulahlekile, esixukwini sabo senkolo. Senze kanjani isixuku senkolo na? Ulahlekile, ebandleni laKhe, eLawodikeya. Ibandla lokugcina, unyaka webandla, kwathi Wayengaphandle kwebandla, “engqongqoza,” ezama ukungena. Umbono odabukisa kakhulu kulo lonke iBhayibheli, yisimo sebandla ezinsukwini zokugcina ngaphambi kokuba Afike. Hhayi omunye unyaka webandla owake wamkhiphela ngaphandle. Babengazi mehluko. Manje lapho sebazi ngempela amandla eqiniso kaMoya oNgwele, baMxosha endaweni, ngaphandle, engqongqoza emnyango. “Bheka, Ngimi ngasemnyango ngingqongqoza.” Impela.

Balahlekelwe nguYe, ezixukwini zabo zezohwebo.

246 Balahlekelwa nguYe, ezixukwini zabo zezenkolo. Kunjalo. Benza izivumokholo ngawo. Benza amahlelo ngawo. Balahlekelwa yikho. Bathathe i—bathathe inkambiso esikhundleni seBhayibheli. Bathathe isigejane semibono yamadoda esikhundleni salokho okwashiwo uNkulunkulu. Bathi, “Faka igama lakho encwadini. Xhawula. Yilokho kuphela

okufanele ukwenze. Bhaphathizwa, ‘uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele.’” Yonke into ingamanga. Kunjalo.

<sup>247</sup> Yilapho isixuku sebandla salahlekelwa nguYe khona, ngenkathi belahlekelwa nguYe. Ngani? Hhayi ezakhiweni zabo zebandla, hhayi kulokho okubiza-ngakho, iqembu labo—labo labantu. Kodwa balahlekelwa nguYe ngenkathi beshiya iZwi. “Uma lokho...Uma uhlala kiMi, neZwi laMi likuwe, cela okuthandayo. Uzophiwa khona. Kuyokwenzelwa wena, uma uhlala kiMi, futhi amaZwi aMi ehlala kuwe,” ngoba nguNkulunkulu, enziwe inyama futhi. Niyabo? “Hlalani kiMi, neZwi laMi likini, khona-ke celani nje enikuthandayo. Nizokwenzelwa khona.” Yilokho-ke.

<sup>248</sup> Kepha, namuhla, abahlali. Bona ba, ngalolu suku, iMethodisti, kusasa iBaptisti, usuku olulandelayo iPresbyterian, awukafinyeleli ndawo okwamanje.

<sup>249</sup> “Uma iZwi laMi lihlala kini! ULizwi wenziwa inyama, wakha phakathi kwethu.” Haleluya!

<sup>250</sup> Mfowethu Neville, lokho kuliqiniso impela. [UMfowethu Neville uthi, “O, udumo! Ngiyakwazi.”—Umhl.]

IZwi lenziwe enyameni yakho, likhuluma ngawe.

<sup>251</sup> AmaPentecostal alahlekelwa nguYe. O, yebo. BabenaYe, eminyakeni embalwa edlule, kodwa balahlekelwa nguYe. Bakwenze kanjani na? Ngokubona ukuthi ngubani ongakha isakhiwo esikhulu kunazo zonke, e-hhe, ubani obengaba nebandla elikhulu kunawo wonke, ikhwaya eqeqeshwe kahle kunawo onke.

<sup>252</sup> Uma kukhona noma yini engingayithandi, yizwi eliqeqeshwe ngokweqile, elizosukuma futhi licule sengathi ikholikhi, lowo “wii,” babambe umoya wabo baze babe mnyama ebusweni. Abaculi. Babanga umsindo nje.

<sup>253</sup> Kodwa engikuthandayo ngomuhle, oyimfashini endala, onenhliziyi enhle, wepentekoste, umuntu ozelwe ngokusha, abacula ngokusuka enhliziyweni yabo. Uma bengakwazi ukuqhubeka noshuni ebhakedeni, basenawo uMoya lapho. UngaLizwa lidabula kuwe. Haleluya! Ngiyakuthanda lokho. Ngiyakuthanda lokho emva kwemiphumela, uMoya oNgcwele ekubusisa, uyazi. Ngiyakuthanda lokho. Lokho kungokoqobo nje, kimi. Ya.

<sup>254</sup> Kodwa balahlekelwa nguYe. Amakhwaya aqeqeshwe kahle nabashumayeli abaqeqeshwe kahle. Ya, O, he! Zonke izinhlobo zezinwele eziyinkimbinkimbi, uyazi, futhi bakhothamise amakhanda abo ngalendlela, bathathwe isithombe sabo. Futhi, o, ya, oqeqeshwe kahle. Impela banjalo. Lowo uqeqeshwe kahle.

<sup>255</sup> Izikole ezinkulu zangeSonto, impela, ibandla ngalinye lizama ukudlula elinye, eSikoleni sangeSonto. Nesikole sangeSonto akukhulunywa ngisho nangaso, eBhayibhelini.

Leyo yimfundiso-ze yeMethodisti. Kuqala yabizwa nge “sikole esimhhadlahhadla.” Wonke umuntu manje uya kuSonto sikole, ongeke ahlalele ibandla, ngoba bathathe okuthile ngaphandle kwalokho uNkulunkulu akusho. Kunjalo.

<sup>256</sup> Khumbulani, angikaze ngithi ngashumayela noma yini ngaphansi kokuphefumulelwa, empilweni yami, ngangifanele ngikubuyisele emuva, njengoba ngenza ama-altare, ngolunye usuku, nezinto, niyazi, i*Nzalo yeNyoka*, noma okunye kwalokho. Ake kufike omunye futhi akudilize ngeZwi likaNkulunkulu. Qhabo.

<sup>257</sup> Yilapho abalahlekelwa nguYe khona; uSonto-sikole omkhulu, noma itende elikhulu kunawo wonke elikhona, iqembu eligqoke ukwedlula onke edolobheni. Lelo yiPentecost. “Ngani, singabandla lokuqala. Iqembu eliwadlula onke edolobheni liya lapho.” Abadikoni, abashade kathathu noma kane, umdikoni emabhodini, mhlawumbe nomelusi, naye. Zonke izinhlobo zombhedo emabandleni namuhla. Niyabo? Benze kuphi na? Balahlekelwe nguJesu.

<sup>258</sup> “Awu, niyazi, ihlelo lethu yilo elikhulu kunawo ePentecost. Amadoda ethu angamadoda aqeqeshwe kunawo onke akhona phakathi lapho.” Bangahle babe yikho konke lokho. Angikuphiki lokho. Lokho kuya emadlangaleni nasezinkundleni zesayense yezenkolo.

<sup>259</sup> Kodwa ngifuna ukwazi umuntu owazi uJesu, oMbonile futhi ozalwe ngokusha, neZwi lizibonisa Lona ezwini lakhe. Ungabona ukuthi aKulona elakhe. Futhi usezidele ngokuphelele kakhulu kuze kube nguKristu ekhuluma ngaye. Nakho lapho okhona. Kunjalo. Futhi izibonakaliso nezimangaliso zilandela leloZwi, ngoba LiyiZwi likaNkulunkulu.

<sup>260</sup> Kodwa uma iZwi likaNkulunkulu lisho into ethize, futhi *leli* qembu lithi, “O, qhabo. Qhabo, qhabo. Inhlango yethu izosixosha uma silikholwa Lelo.” Khona-ke usephelile, khona lapho. Usezinqumile, khona lapho. Yilokho kuphela. Ungahle usebenze okuthile ngokomshini. Ungahle ukhiphe uhlobo oluthile lokukhohlisa, ucabange *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, kodwa eyangempela, into yangoqobo ayikho lapho. Yebo, mnumzane. O, impela.

<sup>261</sup> Amabandla, amabandla atshintshiselana ngoKristu ngezwe nezivumokholo. Ibandla lisohlelweni lokushintshisana. O, impela bafuna uku—ukushintshisana. Yebo, mnumzane. Bazohamba futhi bazoshintshanisana. Bafuna a—bafuna uhlelo lokushintshisana. Bafuna ukushintshanisa lokho okushiwo nguNkulunkulu, ngalokho okushiwo yihlelo. Bafuna ukushintshanisa lokho okushiwo nguNkulunkulu, kuye ku “landela umelusi.” Bafuna ukushintshanisa lokho okushiwo nguNkulunkulu, kuye ku “landela inhlango.” Bayashintshanisana.

262 Niyazi ukuthini na? Abantu uyathenga. O, kunohwebo olukhulu oluqhubekayo manje. Omunye uKhisimuzi, ombumbulu nje, owenziwe.

263 Sibe nesikhathi esikhudlwana, ngizobuyela emuva kulendaba futhi ngolunye usuku. Ngidlula kakhulu phezulu lapha phezulu, ukuthi uMoya oNgewele anginike khona esikhashaneni esedlule. Niyabo?

264 Ngenkathi ibandla lisashintshanisa, ibandla liyathenga, abantu bayakwenza, ababizwa ngebandla. Yebo, mnumzane. Bayashintshanisa. Impela bayathenga futhi bayashintshanisa. Bathenga ini? Ibandla elikhulu kunawo wonke, isixuku esigqoke kahle kunazo zonke, ihlelo elikhulu kunawo wonke. Nabantu . . . ngizosho okuthize. Abantu uzama ukuthola, ngisho namaPentecostal, abesifazane bePentecostal uzama ukuthola indawo ukuthi izobavumela bazedlulele ngezinto eziningi zezwe: izikhindi, izinwele eziphunguliwe, upende. Bayathenga.

265 “Akabusisiwe uNkulunkulu, ngiyiPentecostal. Haleluya! Ngingowa *leli*. Futhi, o, umelusi wethu akakholelwa . . .”

266 Uyabo, uthengela labo abazobavumela baphile ngokungcola okwedlula konke, (uNkulunkulu abe nomusa), lowo ozobavumela baphile okungcolileyo okukwedlula konke futhi bacishe bafane nezwe, lokho abangakwenza. Bathenga ezindaweni ngezindawo, bala uKristu. Lokho kungahle kugaye njengakho konke. Kwenzelwe ukukwenza. Abantu uyathenga. Bathengela uKhisimuzi lapho bangathola khona umtithizo. Abazingeli bomtithizo!

267 “Awu, nami ngiyiPentecostal, nami. Awu, asinazo lezo ziNto ezindala ezinomqondo omncane.” Kodwa iBhayibheli lisho kanjalo.

Uma engumfundi weqiniso kaKristu, uzokuholela esiphambanweni.

268 “O, Mfowethu Branham, ngiphumile futhi ngakhuluma ngezilimi.” Lokho akusho lutho. Umnyuzi wakwenza lokho, ngolunye usuku. Yebo, mnumzane. Ya kunjalo . . .

269 Angiqondile ukuhlelisa ngeZwi likaNkulunkulu elingcwele. Ngiyakholelwa ekukhulumeni ngezilimi.

270 Kodwa odeveli bakhuluma ngezilimi. Abantu bangakhuluma ngezilimi futhi baphile noma yiluphi uhlobo lwempilo. Kepha, ngiqonde, u—udeveli une—nekhophi yakho konke okwenziwe nguNkulunkulu.

271 Futhi angakopisha yonke into ngaphandle kokuZalwa kwangoqobo kukaKristu, futhi angeke akwenze lokho. Isizathu, ufanele ufe, kuqala, bese-ke iZwi liyakuvusa. Wazi kanjani uma usaphila na? Lapho leloZwi, lonke iZwi laLo, lenziwe inyama kuwe. Konke okushiwo yiBhayibheli, usho into efanayo, futhi kufezeka ncamashi nje njengoba Akusho. Yilapho kuba

yikho, yebo, lapho wena, lapho umoya wakho uvumelana naYe. UyiZwi. Uma umoya wakho uvumelana nalokho Akusho, noMoya uZibonakalisa ngeZwi laKhe, khona-ke uyaphila. Niyabo? Usuqedile ukuthenga, khona-ke, nokushintshanisa, nakho konke okunye kwakho. Konke sekuxazululiwe. Yebo.

<sup>272</sup> Abantu bayathenga, ukuthola lapho bengaphila khona ngokwezwe, amaPentecostal nabo bonke. Musa, Pentecostal, ukuhlekisa ngalawo maBaptisti nePresbyterian. Ibhodwe alikwazi ukubiza iketela ngokuthi lingcolile. Qhabo, mnumzane. Qhabo, impela. Kuyafana konke. Ngakho-ke bayathenga, ukuthola lapho bengangena khona ebandleni futhi bajoyine inhlango, ukuthi bengathandwa ngabandhu, bacatshangelwe kahle edolobheni, imeya yedolobha iya ebandleni. Okungukuthi, ibingaya ebandleni, azalwe kabusha. Manje, ngiyasho nje, ekuqhubekeni, ibandla elikhulu kunawo wonke edolobheni.

<sup>273</sup> Ngiyabazi abantu khona namhlanje abangabenhlangano encane lapha emgwaqeni, ibandla elincane, kodwa belilincane kakhulu. Ngakho-ke bathi, “Ngakho-ke abantwana bethu—bethu bazoba, futhi singakwazi, sibe nokucatshangwa kangcono,” bathatha incwadi yabo besuka kwelinye ibandla base behlela kwelinye, inhlango enkulu kakhulu. Futhi ngaphandle kwalokho, lena enye yayinombukiso wezithombe egumbini elingaphansi, futhi babedlala umdlalo wamakhadi ibunco nayo yonke into enjalo, niyazi, futhi babe nale midlalo, kanjalonjalo kanjalo. Ngakho-ke babe nezingane zabo ezansi lapho. Babenetafula lephuli ezansi ngaphansi, niyabo, ukuze bakwazi ukudlala iphuli, futhi babe nokuzilibazisa nezinto ezinjalo. Futhi babe nesifundo semizuzu eyishumi kaSonto sikole, nekhefu lekhofi, nekhefu ukuze umfundisi akwazi ukubhema osikilidi, aphumele ngaphandle. Awu yebo. Kunjalo. Bengingeke ngikusho ngaphandle kokuthi ngazi ukuthi bengikhuluma ngani. Kunjalo. O, impela. Niyabo?

<sup>274</sup> Bayathenga. Uma bengakwazi ukuqhubeka nokuphila uhlobo lwempilo abafuna ukuyiphila, benze noma yini abafuna ukuyenza, futhi babe besalokhu besathenjiswa ukuPhila okuPhakade emva kwalokhu, bayakuthenga lokho.

<sup>275</sup> Ngiyakutshela, uma ufuna ukuthenga, woza eKalvari. Lokho kuyakuxazulula. Yifa kumuntu wakho ongcolile, ezonweni zakho, futhi uzalwe ngokusha, kabusha.

<sup>276</sup> “Futhi uma uthanda izwe, noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho nakuwe.” Yilokho iBhayibheli elakusho. Kunjalo.

Uthi, “Angikholelwa ebungcweleni.” Akumangalisi, ungeke.

<sup>277</sup> Kodwa iBhayibheli lathi, “Ngaphandle kwakho, akekho umuntu oyobona uNkulunkulu.” UNkulunkulu ungewe. Uma uNkulunkulu ehlala kuwe, ungewe, nawe.

278 Futhi ungitshele ukuthi ungaphuma uye kulamaphathi, futhi uphuze isiphuzo esincane senhlaliswano na? Inqwaba yamaPentecostal yenza lokho, iphume iye kulamaphathi, futhi ithathe labo besifazane phandle lapho futhi bahlale kulezi zindawo, futhi wehle bese uzihhundula, ngamasudi okubhukuda, bese uya kobhukuda phambi kwamadoda, lapho abayenu benu, nabafowenu, nodadewethu, kanjalonjalo. Nabantu bePentecostal bephuma ngezingubo zobhukuda, futhi nizibiza ngelungu loMlobokazi na? UMlobokazi kaKristu akazenzi lezozinto.

279 O, uyathenga, impela, uthola indlela elula, bese ethembisa ukuPhila okuPhakade emva kwalapha.

280 AwunaWo, ngaphandle kokuthi Uphila kuwe, iZwi likaNkulunkulu lingufakazi ophilayo wokuthi Uyaphila, nawe uyaphila kuYe. O, he! “Banumzane, sithanda ukubona uJesu.” O! Hhayi lezi zivumokholo, hhayi lezi zinto abantu abazakhayo. “Sithanda ukubona uJesu.”

281 Kodwa Ulahlekile, kubo. E-hhe! Ngani na? Umzuzwana nje. Ngani? Kungani Elahlekile, kubo na? Kungane Elahlekile, kwiPentecost na? Kungani Elahlekile, kwiMethodisti neBaptisti? Kungani Elahlekile, kulezo zinhlango na? Ngoba ngeke bathathe inhlamvu yabo kakolweni futhi bayiqathaze phansi eKalvari, futhi bafe esivumwenikholo sabo, futhi bazalwe ngeZwi.

282 Khona-ke sigezwe ngamanzi eZwi, amen, sibe yizidalwa ezintsha kuKristu Jesu. Futhi izibonakaliso uKristu athi zaziyoMlandela, zizobalandela. Wonke owesifazane uzofika endaweni yakhe. Wonke owesilisa uzofika endaweni yakhe. UMoya kaNkulunkulu uzofika endaweni yaWo, neBandla likaNkulunkulu ophilayo lizoba ngelungenabala. Impela. Amen. Yebo, mnumzane. Yileyo ndlela okwenziwa ngayo.

283 Akukho ukufa enhlamvini yabo kakolweni. Ngeke baqathaze ihlelo labo. Ngeke baliyeke life. Uma inhlango yamaBaptisti ibiyoqathaza leyonhlamvu kakolweni yeBaptisti emhlabathini futhi iyike ife; uma iMethodisti ibiyoqathaza inhlamvu yayo kakolweni phakathi, uma-Assemblies of God, nePentecostal Jesus Name, kanye ne-Oneness, neThreeness, nawo onke ahlukahlukene, ichurch of God, nawo onke amanye, abengaqathaza leyo nhlamvu kakolweni ingene eZwini; futhi ayikelele ife emicabangweni yalo uqobo, futhi iyikele leliZwi liphile futhi lize ekuPhileni. Khona-ke bebeyothi, “Uma ungangikholwa, kholwa yimisebenzi engiyenzayo, ngoba yiyo efakaza ngami.”

284 Yini imisebenzi na? UJesu wathi, “Lemisebenzi, imisebenzi uleyo—leyo uNkulunkulu aNginike yona ukuba ngiyenze. Futhi,” wathi, “njengoba uBaba engithumile Mina, nami Ngiyanithuma nina.” Yona kanye imisebenzi uNkulunkulu

ayenzayo eyayikuYe, yaMenza yena noYise baba Munye. Futhi imisebenzi efanayo uJesu ayenza, noMoya oNgcwele kaJesu kuwe, uzokwenza wenze imisebenzi efanayo. “Imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza.” Impela.

<sup>285</sup> Ngeke uvumele inhlamvu... Benzeni na? Amalungu afile kuphela, afile esonweni nasezonweni, afile emfundweni, afile ezintweni zezwe. Kubala kubo. Yingalesosizathu bengazalwa ngokusha. Yingalesosizathu izibonakaliso zingakwazi ukulandela. Ngenxa yani na? Amalungu afile kuphela. Kufanele kube, umfundisi ufanele abe nePh.D, idabuli-L.D., ngaphambi kokuthi aluse amabandla athile. Futhi mhlawumbe akazi ngisho izinhlamvu zokuqala ngokulandelana kwezinhlamvu zamagama, ABC, “njalo kholwa uKristu.” Ukuba ebekholwa uKristu... [UMfowethu Branham ukhombisa ngezandla—Umhl.]

<sup>286</sup> Omunye umfo wangilandela, ngelinye ilanga, wayesethi, “Kungani ungabashiyi phansi labobantu, njalo ubagqonqa ngendlela abagqoka ngayo, izinto abazenzayo na? Awu, uma ungumprofethi...” Bathi, “Abantu bacabanga ukuthi ungumprofethi.”

<sup>287</sup> Ngathi, “Ngiyazi ukuthi kade bekusho lokho. Angisuyena. Kodwa,” ngathi, “bona—bona—bakushilo.”

<sup>288</sup> Wathi, “Awu, uma bekhola ukuthi unguye, kungani-ke ungabafundisi ukuthi ibonwa kanjani imibono nokuhamba phambi kukaNkulunkulu na?”

<sup>289</sup> Ngathi, “Uma bengamazi u-ABC, ngizobafundisa kanjani ongwaqa na? Uma bengayazi inkulisa, bengazi ukuthi baziphathe kanjani, bengazi ukuthi ubuka kanjani futhi wenze, futhi ugqoke, futhi ube nesizotha, uzobafundisa kanjani izinto ezingokwesiprofetho na?”

<sup>290</sup> UJesu wathi, “Uma ungazikhola izinto zalapha, izinto zasemhlabeni, uzokholwa kanjani, ngikutshela izinto zasezulwini na?” Izinto ongazenza wena uqobo, yeka ukwenza lezi zinto. Anikwazi ngisho nokukwenza lokho, nizozithola kanjani izinto zikamoya, bantu? Akunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Yebo, mnumzane.

Bafile kuphela, emfundweni yabo. Banesixuku esifundile.

<sup>291</sup> Manje sengizovala ngokusho lokhu, nje lamagama ambalwa. UMLayezo wami kaKhisimusi, ungukuthi, mangikukhomba kulobubusuku esiphambanweni. Amen. Nawe, inhlamvu kakolweni, uwela kuKristu lapho bese uyafa. Lapho uzothola ukuPhila kwaKhe eZwini laKhe, enguye izolo, namuhla, naphakade. Lowo makube nguMLayezo wami kaKhisimusi kini. Mina anginikhombi emkhombeni, embhedeni wengane oyendezelayo, ebandleni, ehlelweni. Kodwa, “banumzane, sithanda ukubona uJesu,” khona-ke ngizonikhomba kuYe. Yena unikhomba ekufeni, ukumbelwa novuko lwaKhe. Futhi wena



vumela inhlamvu yakho kakolweni iwele phakathi lapho, futhi uvumele iZwi laKhe libe ngokoqobo kuwe, futhi uzobona ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade. “Banumzane, sithanda ukubona uJesu.” Unguye izolo, namuhla, naphakade.

Asikhuleke.

<sup>292</sup> Baba waseZulwini, yize amahora eqhubeka, noMoya oNgcwele uhamba phakathi kwabantu, futhi kusasa kufanele kube ukukhonzwa kosuku Owathumela iNdodana yaKho ezelwe yodwa emhlabeni. Futhi ngizamile, kulobubusuku, hhayi ukukhomba abantu emkhombeni lapho Azalelwa khona, ngokuba Wayeseyingane nje ngaleyonkathi. Kodwa ngizama ukubakhomba enhlosweni Azalelwa yona, ukuze Abe nguMsindisi wabo, ukuze Abe uNkulunkulu wabo, iNkosi yabo—yabo—yabo—yabo, Oyikho Konke kwabo. Ukuze baMazi Lowo ogcwalisa yonke indawo, ukuze baMazi; hhayi Lowo oqala eBetlehem, kodwa Lowo ongazange abe nesiqalo, Lowo onguNkulunkulu oPhakade, owayengama emhlabeni futhi athi, “Mina noBaba waMi siMunye.”

<sup>293</sup> Ngizama ukwenza njengo—ngomfundi, okungcono kakhulu engikwaziyo. Ngenkathi abantu abanenhliziyi elambile beza kubafundi ababeyiqiniso, uFiliphu no-Andreya, babathatha babangenisa eBukhloneni beNkosi uJesu, futhi Yena wabakhomba ekufeni okwakuzokuza, ukuze babezoMazi futhi bakwazi ukuMbona.

<sup>294</sup> Futhi kulobubusuku, Baba, ngokufanayo, ngibakhomba eKalvari lapho iNdodana kaNkulunkulu, uNkulunkulu ebonakaliswe enyameni, wathatha isimo sesidalwa esingumuntu futhi watabernakelwa, waguqula indawo yaKhe yokulingisa, isuka e...uNkulunkulu oPhakade eNkazimulweni lapho oPhakade eba yisidalwa esingumuntu futhi wagxumeka itende laKhe phakathi kwethu futhi waba ngomunye wethu ukuba abe nguMhlengi oyiSihlobo, ukusibuyisela e—enkumbulweni kaNkulunkulu onamandla owasidalayo.

<sup>295</sup> Lapho Wafa, eKalvari, futhi lapho sifanele sife kanye naYe. Njengoba Afa, iNdodana kaNkulunkulu; ukuze sibe ngamadodana kaNkulunkulu, nathi sifanele sife, futhi inhlamvu yethu kakolweni mayiwele emhlabathini kanye naYe, izimpilo zethu zifile futhi zifihlwe kuYe. O, futhi wase evuswa ekuvukeni kwaKhe, ukuqhuba umsebenzi waKhe, ukuvumela uNkulunkulu waKhe ofanayo, owayekuYe, aveze ukubonakaliswa kweZwi leBandla kulezi zinsuku zokugcina, njengoba Athembisa.

<sup>296</sup> Nkulunkulu, sijabule kakhulu ukubona ukuthi Uqinisekise yonke ingxenye yakho, ukukhombisa ukuthi Yena unguNkulunkulu. Ugcina iZwi laKhe. INSika yoMlilo enkulu isephakathi kwethu. Izibonakaliso ezinkulu nezimangaliso Ayezethembisile, zisenzeka namanje.

<sup>297</sup> O Nkulunkulu, sijabule kakhulu ukuthi, kulobubusuku, ukuthi inhloso eyaMletha emhlabeni, ukuthi sinelungelo lokuthola uMoya waKhe ezimpilweni zethu. Lokho kusinikeza ukuPhila okuPhakade, iZwi laKhe lenziwe inyama kithi uqobo.

<sup>298</sup> Masizinikele thina, kulobubusuku, Nkosi, sizinikele ngokuphelele, kuyo yonke into yaleli zwe, ukuze sife ezintweni zezwe; futhi siphinde sivuke ekuPhileni okusha kuKristu, ukuba siqhubeke kulo nyaka ozayo, uma unyaka uqhubeka, noma ngisho uma ufika lapha. Nkosi Jesu, ukuba sibe ezintsha, izitsha zikaNkulunkulu ezingcwelisiwe, ezigezwe ngamanzi eZwi, ngeGazi, nokubekelwa eceleni ukwenzela inkonzo kaKristu! Siphe khona, Nkosi. Siyazinikela kuWe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Eduzane naWe, eduzane naWe,  
Eduzane naWe, eduzane naWe;  
Lonke uhambo lokuphila lomhambi,  
Msindisi, mangihambe naWe.

Masiphakamise izandla zethu nezinhliziyo zethu, sasacula.

Eduzane naWe, eduzane naWe,  
Eduzane naWe, eduzane naWe;  
Lonke uhambo lokuphila lomhambi,  
Msindisi, mangihambe naWe.

<sup>299</sup> Asikhothamise amakhanda ethu nezinhliziyo zethu, futhi silicule buthule; kodwa kuYe manje, sengathi ubheke ngqo kuYe.

Eduzane naWe, eduzane naWe,  
Eduzane naWe, eduzane naWe;  
Lonke uhambo lokuphila lomhambi,  
Msindisi, mangihambe naWe.

<sup>300</sup> Uma lokho kungubufakazi bakho, manje phakamisa isandla sakho. Uthi, “Eduzane naWe! /Qiniso, Nkosi, hhayi ibandla. Wena! Hhayi isivumokholo, kodwa Wena. Hhayi umbhede wengane noma umbhede wengane oyendezelayo. Wena! O Nkulunkulu, wumela iZwi laKho libe kimi, ukuze ngizoba seduze kwaKho.”

Lonke uhambo lokuphila lomhambi,  
Msindisi, mangihambe naWe.

<sup>301</sup> Manje sisacula futhi, bamba, isandla somunye umuntu, uthi, “Ngizokuthandazela, mKristu.” Uma ubamba isandla sabo, lowo osho lokho, “Ngizokukhuleka, mKristu. Ngikhulekele.”

Eduzane naWe, eduzane naWe,  
Eduzane naWe, eduzane naWe;  
Lonke uhambo lokuphila lomhambi,  
Msindisi, mangihambe naWe.

Manje lapho nikhothamise amakhanda enu.

Emkhombeni kudala, ngiyazi kunjalo impela,  
INGane yazalwa ukusindisa abantu esonweni  
sabo.

UJohane waMbona ogwini, iWundlu  
njalonjalo,  
O, Kristu, Obethelwe waseKalvari.

Eduzane naWe, eduzane naWe;  
Lonke uhambo lokuphila lomhambi,  
Msindisi, mangihambe naWe.

<sup>302</sup> Niyamthanda na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]  
Akamangalisi na? [“Amen.”]

Unyonga lwenziwa lwahamba, isithulu  
senziwa sakhuluma,  
Lawo mandla akhulunywa ngothando phezu  
kolwandle;

Impumputhe yenziwa yabona, ngiyazi ukuthi  
kungaba njalo


Umusa walowo Muntu waseGalile.

Manje, eduzane naWe, eduzane naWe;  
Lonke uhambo lokuphila lomhambi,  
Msindisi, mangihambe naWe.

<sup>303</sup> Ukuthi isifiso sakho kulobubusuku na? Ithi, “Amen,” uma  
kunjalo. [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] O, kuhle kakhulu!

Lonke olwempilo lomhambi uham-...  
Singabahambi.

Msindisi, mangihambe naWe.

<sup>304</sup> UNkulunkulu akubusise. Hhayi uKhisimusi “ojabulayo”  
ncamashi, kodwa izibusiso zikaNkulunkulu zikaKhisimusi zibe  
phezu kwenu. Kwangathi uKristu waseKalvari angakufihla  
kuYe, akumboze ngengubo yokulala, akusonge kakhulu futhi  
akusibekele ngeZwi laKhe, lize iZwi laKhe lenziwe inyama  
kuwe, ngumkhuleko wami. UNkulunkulu akubusise. Umelusi  
manje, Mfowethu Neville. 

*BANUMZANE, SITHANDA UKUBONA UJESU* ZUL61-1224  
(Sirs, We Would See Jesus)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto kusihlwa, ngoDisemba 24, 1961, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, Indiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2021 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)